# *UkuZenzisa KobuKristu*

Ngiyabonga, Mfowethu Neville. Kuyaqondakala ukuthi umhaya-ngabathathu wakwaNeville ungomunye womhaya-ngabathathu obedlula bonke esizweni. Impela, kunjalo. Kunjalo. [UMfowethu Neville uthi, "Ngiyakungabaza lokho." UMfowethu Branham nebandla liyahleka—Umhl.]

2 Futhi bangaki abazwe ukusakaza izolo na? Ngingumshumayeli omdala ongumakade'bona, ngaphezu kweminyaka engamashumi amabili ubudala, futhi sengizwe izintshumayelo eziningi. Kodwa ngikholwa ukuthi ngizwe enye yezintshumayelo efanele kakhulu osukwini esiphila kulo, ngiyizwile izolo, ngomelusi wenu, uMfowethu Neville. Wena ogeje leyo, ugeje umcebo omkhulu. Lokho bekukukhulu enhlizweni yami. Futhi ngenkathi umkami ewasha izitsha . . .

3 Junie, bengimsiza, ngakho lokho ngeke kwalimaza. UDelores ukwenza uziwashe, nawe. Ngakho . . . [UMfowethu Branham uyahleka—Umhl.]

4 Ngenkathi ngisamsiza ewasha izitsha, sobabili besifanele sime, nje uku—ukuphawula komunye nomunye, kanjani ukuthi iNkosi ibisebenzisa umfowethu, nomlayezo wayizolo emsakazweni. Futhi bekunguphisi wobuciko odlula konke omangalisayo, uma ngake ngawuzwa owodwa. Futhi bengijabule kakhulu ukwazi, ukuthi lo—lowo iNkosi ebimsebenzisa ukuletha umlayezo, bengibandakanywa naye, emsebenzini weNkosi. Futhi, ngakho-ke, nomhaya-ngabane, noma umhaya-ngabathathu, izolo, bekumangalisa nje; futhi banjalo, sonke isikhathi, futhi kanjalo nomelusi wethu. Futhi siyakujabulela lokhu ngakho konke okwezinhliziyo zethu. Futhi sikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzoqhubeka ukuba nomfowethu, futhi aphe lemilayezo enamandla kokubili eculweni naseZwini, njengoba isikhathi siqhubeka.

5 Futhi manje, nani, ngenxa yomkhuleko wenu, ukuthi—ukuthi nisikhulekele ngenkathi sisesenkundleni, iNkosi ibusisile ngokuchichimayo, kakhulu. Futhi sijabula kakhulu ukubika lokho, ukuthi izinto eziningi uMsindisi wethu azenzile phandle ezinkonzweni; imiphefumulo esindisiwe, no—nokholo lwabantu luhlangane nesidingakalo samandla okuphilisa kaNkulunkulu, futhi baphiliswa.

6 Futhi manje njengoba sinyukile ukuqopha inkotho kakhudlwana nje, manje siphumela ngaphandle futhi, singena shi phandle enkundleni kuleliviki elizayo, eLima, eOhio, kubantu beBaptisti, okungukuthi ngokuqinisekile silangazelela umkhuleko wenu oko—okomhlangano waseLima kuleliviki.

7 Bese kuthi-ke sihamba sisuka lapho, sibuye futhi siye eEvansville, eIndiana, okobusuku obubodwa nje, lokho zintathu ku—kuFebuwari, kwiChristian Business Men's. Bahlela isahluko esisha, futhi ngizokhuluma ekuseni. Bese kuthi-ke kusihlwa, uma lingakhithiki noma isimo sezulu esibi, ngakho-ke ngingabuya, awu, ngizohlalela izinkonzo ngalokho kuhlwa. Uma kungenjalo, ngizoba lapha etabernakele okwalobo busuku, iNkosi ithanda, kuFebuwari zintathu.

8 Khona-ke, ziyishumi kuye ziyishumi nesithupha, iseMinneapolis. Futhi ziyishumi nesithupha, ukusa ziyishumi nesithupha, isidlo sasekuseni seChristian Business Men. Futhi ngakho-ke si—sibheke isikhathi esikhulu kule—kulesisidlo sasekuseni, kulesisidlo sasekuseni, futhi nasemhlanganweni.

9 Siyabuya, ukuya eShreveport; bese siya ePhoenix, eArizona, eMadison Square Garden. Futhi lapho nokusebenzisana okugcwele, nabobonke abefundisi beMaricopa Valley Association, kwenkulu, iMadison Square Garden enhle, lapho ePhoenix, sinezinkonzo.

10 Bese kuthi-ke, ukusuka lapho, siye eSan Fernando Valley, noMfowethu uEspinoza, nabobonke abantu baseMexico. Bese kuthi-ke sinyukele kwelinye ichibi, (ngiyakhohlwa), eLake Clear, okobusuku obuthathu phezulu lapho. Bese kuthi-ke ngale eOakland, bese, siye ehholo elihle elikhulu lomphakathi elihlalisa cishe abantu abayizinkulungwane eziyishumi, neTwin City Ministerial Association ixhasa umhlangano. Okungukuthi, sibonga uNkulunkulu, futhi sikhuleka ukuthi Uzosipha ukuthululwa okukhulu kwesibusiso zaKhe.

11 Inothi nje elivela kunobhala wami, umzuzwana nje. Niyabo, ngifanele ngikuqhelise kimi. Ngi . . . Kulungile. Yebo, ngothile ozongibona emva komhlangano. Abanye abefundisi bangenile, abafowethu bakwaMartin. Kulungile, mfowethu, sizobona masinyane nje emva kwenkonzo, egumbini lamadikoni.

12 Manje, ngiyalithanda iZwi, ngoba iZwi liyiQiniso likaNkulunkulu. Futhi bengikhuluma izolo kowami . . . uMfowethu Cox, noDadewethu Cox. Futhi ngicabanga ukuthi umfowethu . . . Ya, ukhona kulokhu kusa, futhi angazi noma ngabe uDadewethu Cox ukhona, noma qhabo. Kodwa besidingida ezinye izinto zempilo yobuKristu, njengamaKristu avamise ukwenza uma ehlangana ndawonye. Futhi, engxoxiswaneni, evelile, ekukhulumeni nge, ebhekene nabanye abafo abayizakhamuzi zoMbuso. Ukuthi sikulalela kanjani ukusakaza ngesinye isikhathi, lokho nje kunquma abanye abafo babe izicucu, futhi ukubiza amagama abo, futhi—futhi kubatshela ukuthi abasiwo amaKristu, nokunye nokunye. Okungukuthi, abantwana nje. Yilokho kuphela. Bangabantwana nje. Futhi besifanele ngabe sikhulile. Kunjalo. Futhi, ngakho-ke, asebekhulile abakhulumi kanjalo. Si . . .

13 Kodwa, besikhuluma, noMfowethu Cox nami. Futhi ngathi, “Awu, nginqumile enhlizweni yami ukushumayela ngimelane nesono, isono nje. Futhi ngikubeka obala nje. Futhi noma kuphi o—o—okungokwakhona, uNkulunkulu anga—angakubeka endaweni yakho eyiyonayona.”

14 Omncane—omcane umfana, ngesinye isikhathi, ezansi eningizimu, kwakune—nesisho, ukuthi wayeguqe oheleni lapho ayekade elima khona. Futhi ngenkathi u—umfundisi webandla lamaKristu esedlulile futhi wezwa umfo omncane ephinda uhlamvu, “A, B, C, D,” nokunye nokunye, futhi wayesemadolweni akhe, ngakho-ke umfundisi webandla lamaKristu waphazamiseka kakhulu kakhulu. Ngakho-ke wezwa umfana omncane ephinda uhlamvu, bese-ke ethi, “Amen.”

15 Futhi ngenkathi esephakeme, ngani, umfundisi webandla lamaKristu wakhuluma kuye, waseyethi, “Sonny, ngingu... inceku yeNkosi. Futhi ngikuzwile ukhuleka, kodwa ubusho uhlamvu kuphela. Futhi a—angiqondi ukuthi kungani ukuthi ubusho nje uhlamvu.”

16 Wathi, “Mnumzane, a—angikwazi ukukhuleka.” Wathi, “A—angikaze ngikhuleke. Kodwa, benginomama okhulekayo nobaba, osevele uhambile ukuya eZulwini.” Futhi wathi, “Umama, ngi...Washona ngenkathi ngangisengumfanyana omncane kangaka. Kodwa ngiyakhumbula ngimuzwa ngenkathi wayesenkingeni, waya eNkosini, futhi wakhuleka. Futhi washona ngenkathi ngisemncane kakhulu, akakwazanga ukungifundisa ukukhuleka. Futhi nginikezelwe ezandleni zomuntu ononya, ongishayayo futhi angihlukumeze. Futhi nga—ngangi...cabanga, mhlawumbe, emva kokuba sengifunde oABC bami, uma bengingathatha wonke a—amagama futhi ngisho zonke izinhlamvu, mhlawumbe Ubengazihlanganisa ndawonye futhi aqonde lokho ebengikuqondile.”

17 Lowo umkhuleko wobuqotho. Impela Ubengazihlanganisa ndawonye. Akusikho ukuthi sikhuleka kanjani, ezindebeni zethu, inhloso yenhliziyo yethu, ilokho uNkulunkulu akuzwayo. Kwesinye isikhathi Akazizwa izindebe zethu; Uzwa injongo yethu, yini inhloso yenhliziyo yethu.

18 Ngakho-ke, ekwenzeni kanjalo, izolo, ngibe nomunyu kakhulu kulesisikhathi, nokuthi kusetabernakele, ngingahle ngiveze ezinye izinto ebengizicabanga, ukuthi kungahle kube usizo noma inzuzo. Futhi uma bengingake ngisho noma yini ebiyoba nonya, ngempela be—bengingeke ngempela ngafuna ukukuchaza ngaleyondlela, uma kwakuphambene nenkolo yomunye umuntu. Kodwa bengiyokuveza kuphela njengo—njengothando, futhi bengiyofuna, mhlawumbe, ukuzama ukukuqondisa. Njengabantu abangakholelwa ekuphiliseni ngaMandla obunkulunkulu, nokunye nokunye.

Futhi awukholelwanga kukho, ngani, ngi. . .nami ngithi ngiyakholelwa kukho, beku—bekungeke kube ukuthi bengizama ukudala impikiswano kini, kodwa bengizama ukukuveza ku—kulabo abakholelwayo kukho; uma uqonda nje lokho engikuchazayo.

19 Manje, ukukhulekela ukuthi uNkulunkulu uzoqonda, ngiyazi Uyakwenza. Uyaqonda; siyakwazi lokho. Manje, bengikhuluma kwindoda eyisazi esikhulu evela eCanada. Futhi njengoba sazi, abaseCanada ba. . .Uma ubazi, senake naba nokujwayelana siqu nabo, bangabafundi, bajule kakhulu, iningi labo. Futhi abanazo izinkinga phezulu lapho esinazo lapha. Futhi phakathi lapho, ngathola ukuthi lendoda, nokho, ingendala kakhulu kunami, cishe inamashumi amahlanu, futhi yayimpunga ngokuphelele, namadevu ayo ayempunga, futhi, nokho, ingevile eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala. Futhi ngathi kuyo, "Mfowethu," ngenkathi ifike e—ekamelweni lapho engangihlala kulo. Umelusi we—webandla, ngathi. . . ngayibuka.

20 Futhi eminyakeni embalwa nje edlule, eSaskatoon, ngenkathi sasinomhlangano omkhulu ndawonye enkundleni yeshashalazi enkulu, lapho engaqala ukuqala khona emihlanganweni yokuvangela, wayenekhanda elimnyama. Amadevu ayo ayemnyama. Futhi yayi. . .yayinamadodakazi amabili amancane, futhi ashadile manje futhi anabantwana.

Futhi ngakho-ke ngathi, enhlizweni yami, "O, kwenzakaleni na?"

21 Yathi, "Mfowethu Branham, cishe iminyaka emibili eyedlule, ngacabanga ukuthi mhlawumbe iNkosi yangibizela eUnited States ngoko—ngokomsebenzi." Yathi, "Ngaya oGwini laseNtshonalanga, futhi ngathola ukuxhumana nomsakazo oya esizweni." Futhi yathi, "Ngenkathi ngibona ukungethembeki kwendlela abasebenzisa ngayo ngokungafanele imali eyayingena," yathi, "Nje ngi, njengomKristu, angikwazanga ukuqhubeka ngihlale lapho. Ngashiya. Futhi ngahhukana nomunye." Futhi yathi, "Kwakungaphandle kwepani lokuthosa emlilweni." Futhi yathi, "Khona-ke ngahlala nje futhi ngathola izinto eziningi kakhulu," futhi yathi, "ukuthola ubuthakathaka bepulpiti laseMelika!"

22 Futhi ngathi, "Mfowethu, lelo iqiniso. Asinalo izinga elimaphakathi lapha, ukukhuluma ngalo. Si—siphakathi kokuthi sinelibanda ngempela nelesimiso nelinganandaba, noma elishisekela ngokwedlulele. Futhi asinayo indawo emaphakathi." Futhi ngathi, "Ku—kubi ngokweqile."

23 Futhi yathi, "Bese ngiza lapha." Futhi yathi, "Mfowethu Branham, masinya njengoba ngifike lapha, nomlayezo wami wokuqala, ngithole ukuthi kwakushaya upiyano, futhi kuphendula izihlalo. Futhi," yathi, "ngaqala ukumangala."

Futhi wathi, "Khona-ke, kukho konke, ngazama ukushumayela iVangeli, eZwini nje. Futhi ngenkathi Kwenza," yathi, "Nga . . . Kwakukhona okuthile okunye, ukuthi emva kwesikhashana iNkosi ingivumela ngiphumele ngale ogcobweni futhi yaletha i . . . UMoya oNgcwele weza phakathi kwethu ngothando. Nokuthula kukaNkulunkulu kuqala ukugelezela esakhiweni."

24 Futhi yathi, "Khona-ke ngathi, 'Manje, uMoya oNgcwele ulapha, futhi manje sizokhonza iNkosi futhi sigxilise izimpilo zethu kuNkulunkulu.'"

25 Futhi yathi, "Omunye umfana omncane, engenakho ukuhlakanipha okwenele ukucishe angene emnyango, ugijimela phezulu epulpiti. Wathi, 'Amen, mshumayeli! Kunjalo. Buka, amafutha ebevuza ephuma ezandleni zami, konke ukusa. Haleluya! Dedela abantu benyukele lapha, futhi ngizothola lamafutha ogcobo okuphilisa.'"

26 Yathi, "Mfowethu Branham, ngathi, 'Sonny, zitholele isihlalo bese uhlala phansi.'"

27 Futhi yathi, "Uyazi ukuthi kwenzakalani na? Ilunga elengamele lathi kimi, 'Zitholele *wena* isihlalo bese uhlala phansi.'"

28 Yathi, "Siyoke sibe kanjani . . . Ungenza kanjani, noma abashumayeli abazama ukubamba lesosikhundla phakathi kwabashisekeli ababili, balinganise umthwalo na?"

Ngathi, "Umusa nje kaNkulunkulu." O, indawo enje pho!

29 Futhi nendoda yaphonsa izandla zayo ebusweni bayo futhi yalila, kuze kuba, unkosikazi nami simi lapho, nezinyembezi zehlela emlenzeni webhulukwe layo. Yathi, "Mfowethu Branham, ngibheke eSaskatoon, ukuphuma kulenxushunxushu yomoya omubi."

30 Futhi ngathi, "Lokho kuqinisile. UmMelika, ezenhlalo, amaqembu anobuhlakani, asebe nokumelana kakhulu nelinye iqembu. Nelinye iqembu seligijimele phambili kokumangalisayo kuze kuba, iVangeli leqiniso, kunzima ukuthola indawo yokungena, nokuthola okudlula konke."

31 Kodwa, futhi ngenkathi ngishiya indlu, ngikhuluma kuMfowethu Cox, ngehla ngomgwaqo wami. Akazi lutho okwalokhu, njengoba ehlala lapha. Ezansi ngomgwaqo, ngathi, "Nkosi, kuqinisile kanjani lokho! Nokuthi kubenzima kangakanani lokho, ukuzama ukuyisa iVangeli leqiniso kubantu, ngidonsa kumacala omabili, futhi ngizama ukubamba maphakathi nomgwaqo, njengoba siphikisane kulokho kusukela ngehora itshe legumbi labekwa. Niyabo? Manje, futhi abanye . . .

32 Ngathi, "Kuthiwani ngalamaMelika ezansi lapha na? Kuzokwenzakalani kuwo na?" Futhi kubukeka ngathi Okuthile kwasho, kwakhuluma nami nje, futhi kwathi, "Wenzani na? Yini lokhu kuwe na? Ngilandele."

33 Khona-ke umbono wabuyela emqondweni wami, ngosuku engabeka ngalo itshe legumbi. Ekubuyeleni ekhaya, ngangikucaphunela umkami. Bangaki okhumbula umbono wokusa wetshe legumbi na? Kulele khona lapho etsheni legumbi manje, iminyaka engamashumi amabili nantathu eyadlula, ngiyacabanga. Futhi kwaku . . .

34 Ngangingaphesheya komgwaqo lapha, ngivuka nje ngokunye ukusa, cishe elesikhombisa nqo, ngoJuni ngenkathi itshe legumbi labekwa, ngiyakholwa, noma uJulayi. Futhi ngokusa, ngibuka ngibheke ngasekuphumeni kwelanga lasempumalanga, ngangidumisa iNkosi, ngoba itabernakele beseliyoba li . . . nalelitshe legumbi libekiwe. UMnu. Marcum nabo bebelapha, nabaningi babo babemba isisekelo, nokunye nokunye. Futhi ngangizobeka itshe legumbi. Sinezithombe, nokunye nokunye, kwakho. Futhi ngalinye lalizobekwa kulelitshe legumbi, uphawu oluthile oluncane, futhi ngisho amaKatolika ayadlula futhi aqathaza ubuhlalu bawo obuncane nokunye nokunye, noma yini ababenayo, etsheni legumbi.

35 Kodwa lokho kusa, uMoya oNgcwele washo kimi, njengoba ngangilele lapho. Ngahamba . . . Ezinsukwini zabo, angazanga ukukubiza ngombono. Ngavele ngathi kwakungukuquleka nje. Futhi ngabona umbono owakhuluma futhi washo ukuthi umsebenzi wami uyoba phakathi kwemikhakha emibili yePentecostal, umthathu emunye nokamunye, futhi kwakunendawo engenalutho ecaleni ngalinye ukuba igcwaliswe. Angibaphambanga. Ngavele ngaphula esihlahleni ngasinye futhi ngakutshala phansi. Futhi phezulu emazulwini kwahamba izihlahla ezinkulu, zikhula ngokushesha, futhi nezithelo zazo zawela phansi, futhi zazimnandi. Ngangizidla. Futhi esiphambanweni, ngaphambili nje kwami, zilele zonke zimbozwe yizithelo.

36 Bese kuthi-ke ngenkathi ngifika endaweni, uMoya oNgcwele wehlela esicongweni sezihlahla futhi washo, unyakazisa futhi ubhonga, futhi Wathi, "Yenza umsebensi womvangeli." Wathi, "Uma uphuma kulokhu, funda uThimothewu wesiBili 4." Wathi, "Yenza umsebenzi womvangeli. Leli akusilo itabernakele lakho." Futhi ngathi, "Kuphi . . . " Futhi ngilibonile itabernakele njengoba linjalo namhlanje.

Ngathi, "Likuphi itabernakele lami na?"

37 Futhi Ungihlalisa phansi ngaphansi kwesibhakabhaka esiluhlaza ezikhanyayo. Futhi Wathi, "Yenza umsebenzi womvangeli. Yenza isibonakaliso esigcwele senkonzo yakho. Ngokuba isikhathi siyeza lapho bengayikukhuthazelela iMfundiso ezwakalayo; kodwa bayakunqwabelela bona uqobo ndawonye, abafundisi, benezindlebe ezibatshwayo, futhi bayakuphendulelwa besuka eQinisweni, beye ezinganekwaneni."

38 Uma lokho kungenzekanga, igama ngegama! Yingakho ngizamile ukuhlala ngokucophelela neZwi. Futhi yileyondaba yami namhlanje ebusuku, "EZwini!"

39 Manje, kulokhu kusa, ngomusa kaNkulunkulu, ngifisa ukungena kwenye indaba. Kodwa ngaphambi kokuba ngingene kulokho, ngenkathi nisaphenya kuHezekeli isahluko se 6. Ngingathanda ukusho lokhu, Lokho, ekungeneni. Yonk'indawo, ngizame kanzima ukugcina iZwi lisemgqeni. Ngakho-ke, ngikhulekeleni ukuthi ngizohlala njalo ngithembekile eZwini. Kunjalo: eZwini! Kulungile.

40 Manje, kuHezekeli, isahluko se 36, futhi sifisa ukuqala sifunde ivesi le 26.

> Umoya omusha *nenhliziyo entsha*. . .*ngi*ku*nike*,. . .

41 Bese kuthi-ke kwele 27:

> *Futhi ngiyakufaka umoya wami phakathi* kini*, futhi ngenze ukuba nihambe ngezimiso zami,*. . .

42 Manje singakhothamisa amakhanda ethu ngaphambi nje kokuba singene kulokhu.

43 Baba wethu oseZulwini, namhlanje, kungezinhliziyo ezinokubonga, njengoba ngokuthule nangenhlonipho yokuzithoba singena kulesisikhathi esingcwele, ukuthi ngenkathi, ukuthi sazi kanjani kodwa ukuthi lelihora impela linganquma ngohambo lwasemaPhakadeni lomphefumulo ohleli khona lapha! Futhi inani lalowomphefumulo liqhathaniswa nezinkulungwane eziningi zamazwe. Ngakho siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosivumela singene ngenhlonipho, ngesizotha, nangengqondo yomkhuleko.

44 Kanti futhi, kungahle kubekhona abantu abagulayo abahleli khona lapha, bona, namhlanje, esimweni sabo sengqondo leso abasemukela ngaleliZwi, singanquma ukuthi bahlala isikhathi eside kangakanani emhlabeni. Ngakho-ke siyasiqonda isizotha salomzuzu kanye.

45 Futhi sicela ukuthi uBukhona baKho obukhulu buzosigcoba sonke, ukubona ukuthi singabantu basemhlabeni, Usithathile emhlabathini, nomhlabathi siyakubuyela kuwo. Futhi kuphela ngenkathi siphila kulomkhumbi wasemhlabeni, sinenhlanhla yokukhonza Wena, nokuzuzela abanye kuWe. Ngakho-ke sicela ukuthi Uzovumela izinhliziyo zethu zakhele eZwini laKho, futhi kwangathi uMoya oNgcwele ungathatha iZwi futhi uLilethe kithi njengoba sinesidingo. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu, iNdodana yaKho ethandekayo. Amen.

46 Ukuba bengingasho. . .okwemizuzu emibalwa, kulokhu kusa. Umkami wangitshela ngolunye usuku, wathi, "Billy, ukuba ubunganqamula izintshumayelo zakho ziye emizuzwini engamashumi amathathu, esikhundleni samahora amabili

nemizuzu engamashumi amathathu, ngicabanga ukuthi bekuyosebenza kakhulu."

47 Futhi ngathi, "Ikakhulu njengoba ngikuthanda, nakakhulu njengoba ngazi ukuthi lelo iqiniso, kodwa, uyabo, anginaye omunye ukungihola kodwa uMoya oNgcwele."

48 Futhi angazi kungengaphezulu kokuqhubeka nje ngikhulume ngenkathi Eqhubeka ekufuqa kuqhubeke, ngakho yileyondlela engifanele ngikwenze ngayo. Futhi ngisho uma ngima, uma Ebusisa, futhi uma Engakwenzi, khona-ke ngingumuntu olusizi, nezethameli zami zinjalo futhi; nawowonke omunye umfundisi okhuluma ngogqozi.

49 Kodwa ukuba indaba yami ibiyoba, kulokhu kusa, ukuba bengiyibiza ukuthi: *UkuZenzisa KobuKristu*. UkuZenzisa kobuKristu!

50 EmiBhalweni lapha, eyiZwi likaNkulunkulu, sifunda lapha ukuthi umprofethi, okhulume ngosuku olusha. Manje, uHezekeli wayeprofetha, noma esho ngaphambili ukuthi yini ebiyokwenzeka omnyakeni ozayo, hhayi omnyakeni wakhe.

51 Kodwa, umprofethi ungumboni, futhi ukhonjwa kanjalo, eBhayibhelini, njengokhozi oluya kude le phezulu emoyeni. Futhi uma enyuka, ubona kakhudlwana.

52 Ngakho-ke, ukhozi lundizela phezulu kakhulu kunanoma iyiphi enye inyoni. Akukho nyoni engahambisana nokhozi. Futhi alikho ihlo elinjengokhozi. Uklebe awukaze uthole ithuba ekuboneni kwawo. Noklebe ubungeke wamela u—ubude bokuphakama kwalapho ukhozi lungandizela khona. Ubuyokufa. Akakwenzi. . . Akakaze abe nakho ukwakhiwa lokho ukhozi elinakho.

53 Manje, uklebe uyinyoni, futhi kanjalo ne—nezinye izinyoni, kodwa ukhozi lwenziwa kanjalo ngoba luyinyoni endizela phezulu. Futhi lungahamba luphakame kude le kuze kuba lubona izinto lezo ezinye izinyoni ezingeke zizibone, ngoba luphakeme. Futhi, uNkulunkulu, ekwenzeni ukhozi, walwenzela leyonhloso, ngoba isidleke salo siphakeme kunezinye. Abancinyane balo uphezulu esidlekeni, futhi badla emhlabathini. Ngakho-ke, ukuze libone isiphepho, noma inkathazo iza, ukhozi, ukuze luphile, lufanele luye phezulu, ukuze lukwazi ukuvikela abancinyane balo.

54 NoNkulunkulu ufanise umprofethi kulo ukhozi ukuthi beliyohamba ekwenziweni komprofethi. Ungu—ngumbonisi, ukuthi, eMoyeni, unombela ngaleya kwamadlingozi ebandla. Uya ngaleya kwesigqi somculo. Uya ngaleya kokushaywa kwesandla. Uya ngaleya kokujabula phakathi kwabangcwele. Uya ngaleya kwakho konke lokho. UNkulunkulu umnyusela embusweni yedwa, yedwa. Bese Evula iso lakhe, futhi Umvumela aqalaze futhi abone izinto ezayo. Khona-ke Umbuyisela

emuva phansi, phakathi kwamalungu omzimba, ukubatshela ngaphambili ngalokho okusenziwayo.

55 Ngakho-ke, uNkulunkulu wayethathe uHezekeli, phezulu, phezulu kude le, futhi wamqalazisa, cishe iminyaka engamakhulu angamashumi amabili nesithupha eminyaka. Cabanga ngakho. Manje, futhi amenze abe . . .

U—umprofethi futhi uyisipho solwazi. Ulwazi i . . .

56 Njengommeli, otadisha izincwadi. Futhi uma uya koqasha ummeli ukuba akuphendulele ecaleni lakho, uthatha kuphela lokho akwaziyo, futhi umkhokhelela lokho akwaziyo, ukuba amele icala lakho ngaphambi komahluleli.

57 Futhi, manje, isipho solwazi, eBhayibhelini, isiprofetho, esinyukayo futhi sithola lezizinto lezo ezizayo, futhi sizibuyisele emuva phansi. Kodwa kumele ziqhathanise-ke neBhayibheli, neNcwadi. Uma zingaphandle kweNcwadi, khona-ke azimukelwa, ngoba uMahluleli uhlulela ngeNcwadi. Niyakubona na? Ngakho kumele kube seZwini.

58 Khona-ke, iZwi lelo uNkulunkulu alikhulumile ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Akusikho ukuthi uNkulunkulu ukhuluma futhi asho okuthile kumprofethi ngalesosikhathi. Kungukuthi umprofethi unqaka lokho uNkulunkulu asevele ekushilo, ngokuba iZwi lalikhona ngaphambi kokusekelwa kwezwe. UNkulunkulu wakhuluma iZwi, futhi Libeka indlela obala, lelula, ngesikhathi. Nomprofethi uyenyuka futhi abone isikhathi siza. Ngakho-ke, isipho sokwazi kuphela, leso asehlisela phansi, futhi usibeka ephepheni.

59 Manje, uHezekeli, umprofethi, uyenyuka futhi ubona usuku lelo esiphila kulo. O, uhambo olunje pho olwenyuka ngelada likaJakobe! Ukubona ngaphambili okuyoba yikho, futhi ukwehlisela phansi, futhi kuleminyaka yokugcina, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili yakamuva, okungukuthi uHezekeli waphila ethile eyisithupha noma iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili ngaphambi kokuFika kukaKristu.

60 Babenenhliziyo yetshe. Futhi, lokho kwaku, uMoya oNgcwele ubungengene kuleyonhliziyo. Wayengenandlela yokungena kuleyonhliziyo, ngoba yayinokona. Futhi kwakukhona kuphela inhlawulo yegazi lesilwane, ibekwe phakathi kwaleyonhliziyo yetshe noMdali. Kodwa ngenkathi lelogazi lesilwane, liba yisibambelo, kusobala, kodwa isithunzi kuphela, noma umfanekiso, weGazi langempela elizayo. Okungukuthi, ukuphila okusengqamuzeni legazi kwakuyimpilo yesilwane, okwakungeke kuqondane nomoya womuntu, ngoba impilo yesilwane ayinamphefumulo kuyo. Kodwa impilo yomuntu inomphefumulo kuyo. Ngakho, ngakho, bekungeke kuxubane; njengamafutha emanzini. Kodwa ngenkathi uKristu efikile futhi wafa, futhi manje iGazi likaKristu, elachitheka

eKalvari, ngaphakathi kulelongqamuzana leGazi akuhleli lutho ngaphandle kweMpilo kaNkulunkulu. Niyakubona na?

61 Qaphelani. Khona-ke isikhonzi siza ngaphambi kukaNkulunkulu ngaleliGazi elifanele, elabiwe, iGazi loMhlengi osihlengayo. Uzifaka wena uqobo esitolo samasekeni, ngesono; uAdamu wakufaka esitolo samasekeni. Kepha uKristu wafika, futhi UnguMhlengi wakho, futhi wena ungokaKristu. UNkulunkulu wakunikelela kuKristu, njengesipho sothando okomhlatshelo waKhe. Futhi wena ulethwa kuKristu ngoMoya oNgcwele Owakufunisisa ngeGazi leNkosi uJesu, futhi lamnikezela kuYe njengesipho. NoNkulunkulu uyazithanda izipho zaKhe, futhi ngeke Amele ukubona zihlafazwa.

62 Umfundisi wabuza omunye, ngolunye usuku. Okungukuthi, manje uxolo kulokhu, lokhu kunencanyana nje iMfundiso yami uqobo kukho, kodwa etabernakele siyakwenza lokho.

63 Manje, omunye umfo wabuza omunye, ngolunye usuku. Wathi, "Uyakholwa . . . Awukholwa ukuthi ukuba umuntu wake waba ngumntwana kaNkulunkulu, ezalwe ngoMoya kaNkulunkulu, wahlanzwa eGazini futhi wahlengisiswa nguNkulunkulu, ngokwenziwa kabusha kwenhliziyo yakhe, ngokuhlanzwa ngamanzi, ngeGazi, ngeZwi, futhi uba umntwana kaNkulunkulu; awucabangi ukuthi loyomuntu ubengona futhi aqhele kuNkulunkulu, aye lapho abeyolahleka khona na?"

64 Nomfundisi, okhulumayo, eyisitshudeni esihle seBhayibheli, wathi, "Ngizowuphendula umbuzo wakho uma uphendula owami. Ucabanga ukuthi umuntu ubengaba muhle kakhulu, ukuthi ubengeke aqamba amanga, antshontshe, noma enze noma yini embi, kodwa ubeyoba muhle kakhulu ukuthi uNkulunkulu ubeyomemukela eZulwini ngaphandle kweGazi likaKristu na?" Qhabo, kusobala akunjalo.

65 Ubungeke waya eZulwini ngaphandle kweGazi leNkosi uJesu, akunandaba ukuthi umuhle kanjani. Kungukulunga okwenziwe ngumuntu kuphela. Futhi asiyi eZulwini ngokulunga okwenziwe umuntu, akunandaba ukuthi umuhle kanjani. Akunakwenzeka ngokuphelele ukuba wena ungene eZulwini ngokulunga kwakho.

66 Ngumusa kaNkulunkulu owakuthenga eKalvari, futhi uyisipho sothando sikaNkulunkulu kuKristu. Futhi uma uNkulunkulu wanikezela i—isipho kuKristu, uKristu ugcina isipho saKhe. "Konke lokho okuza kiMi, konke uBaba aNgiphe khona kuyoza kiMi, futhi akukho namunye owabo olahlekile. Ngiyobavusa osukwini lokugcina."

67 Manje, ungahle ukuba uphelile ngokwamadlingozi. Ungahle ukuba unamafutha ezandleni zakho, noma ukhulume ngezilimi, noma usine eMoyeni, noma ujoyine ibandla, noma okunye okumangalisayo kosuku, futhi ubungaba olahlekile, impela.

Kunjalo. Kodwa uma uyisipho sothando sikaNkulunkulu kuKristu, uphephile.

68 Manje, impilo yakho izofakazisa lokho oyikho. "Ngezithelo zabo niyakukwazi." Uma uzama ukuzenza mtoti wena uqobo futhi uthobeke, nokunye nokunye, khona-ke usalokhu ungaphandle koMbuso. Akusiyo . . . Akusiyo imisebenzi yakho uqobo khona-ke.

69 Futhi yilapho ibandla, abantu, ababizwa ngebandla, behluleke kabuhlungu, ngoba kungokomsebenzi wabo uqobo ukuthi bezwa ukuthi bafanelwe ngukulunga nomusa kaNkulunkulu, ngalokho abakwenzayo nokuthi baphila kanjani. Kodwa lokho akunanto neyodwa ukwenza nakho. Yisipho sikaNkulunkulu. Ungunembeza wakho uqobo ukuzigwema esihogweni ubuyozama ukwenza wena, noma ubuyogwema esihogweni, njalo, ubuyozama ukuzenza ukuba uphile kahle futhi ulunge. Isakhamuzi esihle sizokwenza lokho, futhi kungadingekile ukuba ngumKristu. Ngibonile amadoda amaningi, aze aphika ngisho iGama leNkosi uJesu, ayengabantu abakahle; lokho kusho, abanozwelo.

70 Buka ukuthi wayengcono kangakanani u-Esawu kunoJakobe. Kodwa wayengenamcabango ukwazi ukuthi wayedayise ngobuzibulo bakhe. Ngani, wababukela phansi, futhi wenqatshwa emehlweni kaNkulunkulu; okungukuthi kwakuqhelile kakhulu kokobunumzane, nomakhelwane, ne—nendoda yemisebenzi, kunalokho uJakobe ayeyikho. UJakobe, igama lakhe impela umqineli. Uyazi ukuthi yini *umqineli* na? Umkhohlisi. Ngakho-ke lokho—lokho . . . Futhi, kodwa, uEsawu wayeyingcwabasi, ngaso sonke isimo.

71 Kodwa, uJakobe uvuzile kulobobuzibulo. Futhi ngaphandle kwalokho noma ubani ambiza ngakho, uma bengingakusho, uxolo ngokuzwakalisa, bebengambiza, "umgingqiki ongcwele, umshisekeli," noma noma ngabe yini ababekufisa, kodwa wayenokuhlonipha kulobobuzibulo. Leyo iyoyonke injongo yakhe. Kungakhathaleli ukuthi kumbiza ini, wayefuna ubuzibulo.

72 Manje qaphelani, manje, ekukhulisweni kwebandla. Manje, ukuba ibandla lenziwe kuphela . . . Uma uMzimba kaKristu kuphela uzolawulwa ngabanobuhlakani, isayense yezenkolo, umcabango osengqondweni, khona-ke ngokupheleleyo sincike phezu kolwazi lobuhlakani bomuntu. Uma ngenza lokho kucace . . . Uma ibandla liphumula kuphela phezu kobuhlakani, noma ukuthi kanjani umuntu ubengahlela ibandla, futhi akhe izindawo ezinkulu, futhi ashune izihlalo, nezinkulungwane zedola zepayipi ogani, nokuthi ubengashumayela kanjani umlayezo wakhe ngalendlela yokuthi ibiyo—ibiyongenisa abantu ebandleni, futhi bajoyine ibandla; namalunga amaningi encwadini, ka—kakhulu, kukakhulu eZulwini.

73 Manje, ngi—ngifuna nina nithole lokhu, futhi ningakuvumeli neze kushelele. Ukuba sidinga kuphela umcabango wobuhlakani bomuntu, asidingi uMoya oNgcwele. Uma ibandla lizophathiswa futhi libuswe phezu kobuhlakani, uhlelo langokwezemfundo, nangaphezu kobuhlakani besintu, asidingi uMoya oNgcwele. Futhi uma lizophathwa ngoMoya oNgcwele, asidingi onobuhlakani. Kuphakathi kokuthi oyedwa noma omunye.

74 Manje, amadlingozi angokomnqondo, manje, uma kuphela si, "Umuntu obeyoba nobuchule, uba yisihlakaniphi kakhulu, uma ethole ukufunda kakhulu, uba nokubhalwa kolwini okungcono angakusebenzisa, khona-ke isikhundla esingcono ibandla eliyiso, abantu baba abangcono." Uma engathula uhlelo, futhi athi, "Manje sizokwakha ibandla elikhulu. Sizolibiza ngegama elithile. Sizoheha ukunaka kwabantu, kulolonke idolobha, lapho singashaya khona izinsimbi njalo ngeSonto ekuseni, embhoshongweni wethu ocije phezulu. Siyakuheha ukunaka kohlwempu, isoni esilahlekile, kudoti, uma ebona ukuthi sigqoka izingubo ezingcono; uma ebona ukuthi abesifazane bethu bangalungisa izinwele zabo, abesifazane abahlwempu bangabona ukuthi abesifazane bethu bengazilungisa kanjani izinwele zabo, ukuthi zigqoko zini ezinhle abazigqokayo. Futhi uma siveza lokhu kubantu, abahlwempu nabalambile bayobe sebeza emihlanganweni yethu—yethu futhi uzolangazelela ukuba njengalaba besifazane benjalo. Namadoda azobona ukuthi amasudu amahle kanjani esiwagqokayo, nokuthi sigqoka kanjani, nokuthi kanjani . . . moto zini esizigibelayo, nalokho esikwenzayo, nokuthi sima kanjani ekwazini izindaba zedolobha, neKiwanis namanye amaqembu, nezinto esizijoyinayo. Bazokubona lokho, ba . . . bese kuthi-ke o—ohlwempu nongakwazi ukufunda nokubhala uzoza futhi alangazelele ukuletha abantwana babo futhi babafundise, ukuze ukuthi bangaba ilunga lalomphakathi omkhulu obizwa ngebandla." Manje, uma lolo kuluhlelo lukaNkulunkulu, bakahle. Kodwa uJesu akakaze akucaphune ngaleyondlela.

75 UJesu wathi, "Uma Ngiphakanyiswa, Ngiyodonsela bonke abantu kiMi." Ngakho-ke, ngohlelo lwezemfundo yezwe, okungukuthi konke kukahle, konke kukahle uma kungashiyi Lokhu ngaphandle. Kodwa umuntu akadonselwa kuKristu ngabanobuhlakani, ngesayense yezenkolo. UMoya oNgcwele, yedwa, ungamandla kaNkulunkulu adonsayo. Ohlwempu akasoze akwamukele, nocebile angeke, kuze kuba baba ngabahlwempu okwalezizinto zomhlaba. UKristu, engocebile, wabahlwempu, ukuthi ngokuhlupheka kwaKhe thina sicebe. "Lowo oziphakamisayo, uyakuthotshiswa; nalowo ozithobisayo uyakuphakanyiswa." Banento enokudideka. Bazama ukuthola amadoda ebandleni, ngezinkulumo zabanobuhlakani. Esikudingayo akusizo izinkulumo zabanobuhlakani. Kodwa, ngumbhaphathizo kaMoya oyiNgcwele, ngamandla

nokubonakalisa nokufezekisa kukaMoya, yilokho esikudingayo ukuletha amadoda ebandleni. Kungukudonsa ukugcoba kukaMoya oNgcwele.

76 Izikole nezikhungo zabefundisi zinhle kakhulu, angimelelene ngalutho nabo, kodwa lolo akusilo uhlelo lukaNkulunkulu. UNkulunkulu wakhetha ongazi nongakwazi ukubhala nokufunda, amadoda ayengakwazi ukukhuluma kahle, amadoda ayengakwazi ngisho ukufunda igama lawo uqobo. Njengoba iBhayibheli lathi, "Babengazi futhi bengafundile." Kodwa bebesesikoleni esigcono kakhulu. Ngokuba ngenkathi bephilisa umuntu esangweni elibizwa ngoBuhle, bathatha ulwazi ukuthi babekade benoJesu. [UMfowethu Branham ungqongqotha kwepulpiti izikhathi eziyisithupha.—Umhl.] Silapho-ke iSikole.

77 Futhi kulokhu, ukuba uhlobo lwamabandla anobuhlakani lelo esinalo namhlanje eMelika nasemhlabeni wonke jikelele, uma sifika kulolohlobo lwesikole, khona-ke umKristu, ikholwa, ilunga lebandla, befunda iBhayibheli labo, ebona ukuthi kufanele azame ukuzenza athobe, kufanele azame ukuba ngalendlela. Kodwa, ekwenzeni kanjalo, kuphela wenza ukuzifanisa nomunye ngokwenyama. Yekela lokho kucwile ekujuleni. Ukuqhathanisa bo kokwenyama! Uzama ukwenza okuthile lokho ngempela angekho enhlizweni yakhe. Enhlizweni yakhe ucabanga enye into, futhi uzama ukwenza okunye. Okungukuthi, olwimini langokoqobo lwangempela, lokho kumenza umzenzisi.

78 UJesu wathi, "Nina bazenzisi, ningazikhuluma kanjani izinto ezinhle na? Ngokuba ngokuchichima kwenhliziyo kukhuluma umlomo." Uma ungakhulumi ngokwalokhu okusenhlizweni yakho, inhliziyo yakho icabanga okunye futhi ukhuluma okunye, lokho kukwenza umzenzisi.

79 Igama impela *Mfarisi* lisho "umlingisi." Balingisa inkolo yabo, ngokuba babenenhliziyo eyitshe. Beza futhi bathi, "Mfundisi omuhle, besingasibona isibonakaliso kuWe, ukufakazisa ukuthi Uyilokho Okushilo."

80 Wathi, "NiNgibiza kanjani ukuthi ngimuhle, lapho kungekho omuhle kepha uNkulunkulu na?" Wathi, "Esibuthakathaka nesizukulwane esinokuphinga sicinga lokhu. Futhi kuzoba nesibonakaliso esinikwa bona. NjengoJona wayesesiswini somkhome, izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu, ngakho-ke iNdodana yomuntu izoba senhlizweni yomhlaba, izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu."

81 Manje, ukuzama ukubeka loluhlelo olusha, lokhu kuvumelana okusha lokho uNkulunkulu anakho nebandla, lokhu kwathulwa ePhentekoste; hhayi ubuhlakani, nakanci. Kodwa, ikhulu namashumi amabili (abadobi, abakhi bamathende, namakhosikazi emizi) benyukela ekamelweni

eliphezulu futhi balinda kwaze kwathi isiprofetho sikaNkulunkulu sagcwaliseka, futhi bamukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.

82 UJesu wathi, "Yima ekushumeyeleni kwakho. Ungabe usaqhubeka. Ungenzi noma yini ngakho. Kepha linda emzini waseJerusalema, kuze kuba, kuze kuba ugcwaliswe ngaMandla avela koPhezulu."

83 Hhayi, "Kuze kuba wemukele uB.A. wakho, noma uD.D. wakho, noma ngabe yini okungaba yikho; kuze kuba usube uPh.D., isayense ephathelene nengqondo." Hhayi, "Futhi, uba, uba nomfundisi wobuhlakani, kodwa linda kuze kuba uthola idiploma yakho." Hhayi, "Linda kuze kuba usunikwe iziqu."

84 Kodwa, "Kuze kuba uqiniswe ngaMandla avela kulowo Ophezulu," hhayi avela esikoleni, kodwa, "avela kulowo Ophezulu. Khona-ke niyakuba ofakazi baMi, kokubili eJerusalema, eJudiya, eSamariya, nakuzozonke izingxenye zomhlaba."

85 Umyalelo waKhe wokugcina wawuthi, "Kuwowonke umhlaba; shumayelani iVangeli kukho konke okudaliweyo. Lowo okholwayo futhi abhaphathizwe uyakusindiswa, futhi lowo ongakholwayo uyakulahlwa. Futhi," isijobelelo, "lezizibonakaliso ziyakubalandela labo abakholwayo; eGameni laMi bayakukhipha odeveli; futhi bayakukhuluma ngezilimi ezintsha; noma uma bephuza okubulalayo, noma baphathe inyoka, ayikubalimaza; futhi uma bebeka izandla zabo kwabagulayo, bayakusinda." Ngokufanayo, njengalokho, kwakuzoba isibonakaliso sekholwa, esikhundleni sabafundile nabanobuhlakani, ngoba abanobuhlakani ngeke bakuveza lokho.

86 Manje siyathola, khona-ke, ukuthatha . . . Wayezokwakha iBandla elisha. Akafunanga . . . Ungeke wapholisha ibandla elidala. Ulinika ukulungisa kabusha ubuso kuphela, futhi akusizi ngalutho. Yinhliziyo entsha. "Ngizokhipha inhliziyo yetshe endala." Hhayi, "Uzoyilahla." Kodwa, "Ngizoyikhipha." Uyawububona umehluko na? Yisenzo somusa. "Ngizo."

87 Futhi nina bantu, iBaptisti, nani Presbyterian, enishumayela ukuvikeleka kwaPhakade futhi niziphathise okwezwe; ninehlazo! Nishumayela ini na? Impela.

88 "Ngizokhipha inhliziyo yetshe endala futhi ngifake inhliziyo ethambile." Manje bhekisisani. Wathi Uyokwenza lokho. Uma ungakwazi ukufaka Lokho, ukhulume Lokho, ebandleni lobuhlakani elidala.

89 Futhi yingalesosizathu iMelika isesimweni ekuso namhlanje, ngoba ibenonya ngomqondo wobuhlakani omdala. Yilesosizathu lifanele liqhubekele phambili, futhi—futhi lifanele libe nawowonke umuntu esayina amaphepha, nokunye nokunye, ngokuba imvuselelo encane yeHollywood leyo ezayo. Futhi

bonke babo bayaphuma, futhi njengelandakazi lentombazana noma umfana, futhi afake uhlelo oluncane. Futhi ngenkathi behamba, babuyela emuva futhi bathole ukuthi cishe amaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye abo amukele uKristu njengoMsindisi, abasekho lapho futhi.

90 Yini indaba na? Kwakungesiyo imvuselelo. Kwakuyinkonhliso yobuhlakani. Kunjalo. Kuveze okuthile kuphela, njengoba abantu baseMelika benobuwula futhi beshaya izandla zabo, futhi—futhi iHolly-. . . indatshana yethelevishini. Siphendukele kwi—kwithelevishini. Ipulpiti lilethwe ngebhokisi lemfashini yeHollywood. Ngenkathi, umshumayeli weVangeli lemfashini endala, obevamise ukuphuza amanzi omthombo, futhi ashumayele ubusuku bonke ngokukhanya kwelambu; kuguqukile. Kodwa, sikuguqulile, futhi yingalesosizathu sineqembu lobuhlakani.

91 Futhi uke waze, endaweni lapho lonke ikhaya lisakazelwa ithelevishini ngo*Who Loves Lucy* nazozonke lezizinhlelo ezingekho ngcwele ngale emoyeni futhi kwithelevishini, futhi njengalokho, sizoke siliveze kanjani leliVangeli elisha ngendlela leyo uKristu asitshela ukuba siyenze, entweni enjengaleyo na? Uma ingqondo isenokwezwe, kuyohamba ngokungeyikho nokushiseleka. Kuyodlula iZwi likaNkulunkulu futhi kugelezela ekuvuzeni kwamafutha nayoyonke enye into. Manje uzokuvimba kanjani na? IBhayibheli lathi kuyoba ngaleyondlela, ngakhoke ungeke wakuvimba. Kunjalo. UNkulunkulu wathi kuyoba ngaleyondlela. Manje sibhekephi na?

92 Abanobuhlakani! Isalukazi, basinika ukulungisa kabusha ubuso; sisalokhu singowesifazane omdala ofanayo. Ikhehla, balinika ukulungisa kabusha ubuso; lisalokhu nje liyindoda endala efanayo. "Ngizophenya ikhasi lami elisha, o—oNyakeni oMusha, futhi ngizoqala impilo entsha. Ngizolahla inqawe yami," futhi ayithathe ngosuku olulandelayo. Niyabo? Lowo nguwe nje. Akusikho ukulungiswa kobuso kabusha; ngukuZalwa, ibandla elikudingayo.

93 Manje ungeke washumayela Lokhu ebandleni lakudala. Angeke aKumela. UJesu washo lokho kuLuka, cishe isahluko se 5, ngewayini ezimvabeni. Wathi, "Ungeke wathela iwayini elisha ezimvabeni ezindala. Uma ukwenza, ziyokonakala."

94 Lokho bekuvame ukungimangalisa, lokho bekuvame ukuthusa u—umqondo wami wobufana, ngenkathi ngangivamise ukucabanga, "Imvaba ingonakala kanjani na?" Manje lokho esikubiza ngebhodlela, lingelidala, akwenzi mehluko, ngoba ingilazi.

95 Kodwa, esikhathini sikaJesu, lokho Ayekhuluma ngakho, kwakuyibhodlela lelo ababelisebenzisa ngalesosikhathi, okungukuthi lalenziwe ngesikhumba sesilwane. Nesikhumba sesilwane sasishukiwe. Futhi uma isikhumba sesilwane

sesisidala, ngani. . .Ngenkathi sasesisha futhi sisincane, futhi sishukiwe nje, sasithambile. Kodwa ngenkathi sesiba sidala, sithola ukoma. Manje, abaningi benu bantu bayazi ukuthi isikhumba siyini uma soma. Siba sidala futhi some, futhi siyashwabana futhi siqine ngempela. Manje, uma ufaka iwayini elisha kulokho, asisenakuphila kuso; sizoqhuma.

96 Kufana nokuzama ukushumayela umbhaphathizo kaMoya oyiNgcwele, emandleni angokoqobo angempela o—ovuko, ukuzama ukubeka lokho phambi kwabantu. Uma ukwenza, kwenzeka ini uma ukufaka phakathi na? IWayini elisha linokuPhila, neWayini elisha lisabila. O, ngithemba niyakubona. IMpilo entsha iyabila.

97 Iwayini elisha lisabila. Futhi uma lisemvabeni entsha ethambile, lapho amafutha esilwane esesesikhumbeni, ngenkathi iwayini elisha lifuqa liphuma ngaphandle, isikhumba sizonwebeka.

98 Ngaphandle kwalokho, uma iBhayibheli lathi, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade," isikhumba esisha sizothi, "amen," sinwebeke naLo. Futhi uma iWayini elisha lisho, ukuthi, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, "NgingukuPhila kukaNkulunkulu lokho okusebenza kuwe," isikhumba esisha sizothi, "amen," sinwebeke kuKho. Uma iWayini elisha lisho, ukuthi, "uMoya oNgcwele wenele okokuphiliswa kwethu namhlanje," iWayini elisha lizonwebeka lona uqobo, iWayini liyiZwi. Futhi ngenkathi Lisho lokho, khona-ke imvaba entsha izothi, "amen," inwebeke kuKho.

99 Kodwa uzokwenzani umzimba omdala na? "Izinsuku zezimangaliso selwedlule futhi zadlulela phambili." Bese-ke, senzani na? Sifezekisa ini na? Si. . .Wathi, "Imvaba endala izokonakala, newayini lizokonakala nayo." Futhi kucishe impela kufane nokulahla amapharele akho phambi kwengulube. Ziyaphenduka futhi ziwanyathele ngaphansi kwezinyawo. Niyakubona na? [Ibandla lithi, "Amen."]

100 Manje, uKristu akagcobi abafundisi ukuba bashumayele iVangeli ukuba babenaLo libuyiselwe kuYe liyize. Kodwa, Ukubheka ukuba wamukele iZwi. Futhi ngenkathi umukela iZwi, lindela. Thatha lesosikhumba esidala senkomazi obuphila kuso ngaleya, lesosimo esesemthethweni esidala, futhi usishitshise ngesikhumba semvu esithambile eZwini likaNkulunkulu. [UMfowethu Branham ungqongqothe epulpiti izikhathi eziyisithupha—Umhl.] Futhi yonk'into iBhayibheli eliyishoyo, uyothi, "Amen." Kodwa kufanele kuvele eBhayibhelini.

101 Ngokuba, iwayini elisha libilisa kuphela iwayini. Liqinisekisa kuphela i—izakhi eziphakathi lapho. Imvubelo icindezela phambili kuphela isivalo sebhodlela lotshwala, okukwenza umzungezo obhamukayo, njengemvubelo ibhamuza

leligwebu elincane, ukulenza liphelele ngempela; ukulinika ukunambitha okungcono, ukulinika ukubamba okuqatha okungcono, ukulenza libenamandla kakhulu, ukulenza ukuze lingabi muncu. Amen.

102 Futhi ngenkathi imvubelo yesithako somuntu, efakwe eWayinini elisha, lokho kufuna ukubhamuzisa igwebu, ukwandisa ngaphambili amandla alo okudakisayo; kuyaphisha, kuvela ebandleni, zonke izithako zezwe njengalokho, futhi zilondoloza ibandla.

103 Ujuzi wamagrebhisi uyobamuncu emahoreni angamashumi amabili nane, kodwa iwayini alisoze labamuncu, ngani imbewana yokuphila isewayinini, ibila, futhi ufuqa, futhi ihlanza ngokubilisa. Ukuba lidala kwalo, libangcono kakhulu. Okuningi kwalokho.

104 IWayini elisha, Lingabekwa kuphela ezimvabeni ezintsha zephentecostal. UNkulunkulu wayenekhulu namashumi amabili azo zihlangene ekamelweni eliphezulu; emva kokuba Egcobe ngamafutha ngeZwi laKhe, futhi wathambisa, futhi wayevuselele kabusha futhi wakhipha konke ukukholwa ngokomthetho okudala kubo, kwenqubo endala. NoNkulunkulu wayenezimvaba eziyikhulu namashumi amabili zihleli ekamelweni eliphezulu, ngenkathi, nezintamo zabo phezulu, nefanela ngaphezulu.

105 Futhi ngenkathi uMoya oNgcwele uqala ukuna, lezizimvaba zathola ukuphila kakhulu, zaze zaqala ukugijimela ngaphandle, zishumayela iVangeli, zigqabashiya zisuka endaweni ziya endaweni. Futhi nenye igxumela esiqwini futhi yathi, "Lokhu ilokho," khona emuva neZwi. "Lokhu ilokho okwakhulunywa ngakho ngomprofethi uJoweli, 'Kuyakufezeka ngezinsuku zokugcina, kusho uNkulunkulu, Ngiyothululela uMoya waMi, iWayini laMi elisha, eMzimbeni waMi omusha.'" Imvuselelo enjena pho ababenayo! Leyo inqubo kaNkulunkulu.

106 Nakhu kuza izimvaba ezimbalwa zakho, zedlula zikhala, futhi nakho kulele umuntu osezinhlungwini. Futhi ngenkathi lomuntu osezinhlungwini ethinte isandla somunye walezi, ngani, izinhlungu zakhe zamshiya. Futhi wathola elinye laLo, futhi waqala ukugxuma futhi wadumisa uNkulunkulu, futhi egijimela ethempelini, ememeza, futhi etusa uNkulunkulu.

107 Leyo inqubo kaNkulunkulu; hhayi isikole esikhulu esineziqu, kodwa esiphilayo, isehlakalo sokwenza sikaMoya oNgcwele; hhayi ukushisekela, kodwa okwangempela, uMoya oNgcwele wongokoqobo usebenza. Kwangathi ningakubona, umkhuleko wami.

108 Manje qaphelani inqubo yomBhalo. Iphelele. UNkulunkulu wathi, "Kuqala, Ngizokhipha inhliziyo yetshe; ungeke wamukela lutho. Khona-ke," Wathi, "Ngiyokunika umoya omusha." Manje, lokho akusiwo uMoya oNgcwele.

109 Futhi lapho ilapho iphutha elenziwe khona. Abantu abaningi kakhulu, abantu abaningi, njalo, beza e-altare ukukhuleka, futhi bayaguqa lapho ukuba bakhuleke, futhi, ekukhulekeni, bathola ukuzwa bengconywana. Bangahle bavuke futhi baqhubeke, futhi bagxume bazungeze okwesikhashanyana, futhi emva kwesikhashana uthola ukuthi bayagqashiya nje, bagqashiye, bagqashiye. . .?. . .emuva futhi. Abakaze bemukele uMoya oNgcwele. Kungakhathaleki ukuthi bagqashiya kangakanani, noma bamemeza kakhulu kangakanani, noma bakwenza kangakanani. . .amafutha avuzile ezandleni zabo, noma babenobuso obunegazi, noma bakhulume kangakanani ngezilimi, noma bamemeze kangakanani, noma—noma lokho abakwenzayo. Lokho akunalutho sanhlobo ukwenza nakho. Lokho bekuyimizwa yomuntu kuphela. Bathole umoya omusha, futhi bajabula ngawo.

110 Ngizosho okuthile, futhi ngifuna kuzike ekujuleni, futhi kwangathi uNkulunkulu angasiza. Kune—kunecala elinomuzwa lokubizwa ngebandla likaMoya oNgcwele namhlanje. Bathola okuningi kakhulu ukushisekela okwakhiwe, futhi baphelelwe lapho, ngoba abalinaki iZwi. Bahamba kuphela, ndawonye, "O, sibe nomhlangano omkhulu! Haleluya! Haleluya! Haleluya!" Manje, uma wenza lokho, futhi ungatheli isithelo sikaMoya, khona-ke. . .Usemoyeni omusha. Awuzange ujwayele ukwenza lokho, kunjalo, kodwa uNkulunkulu wayefanele akunike umoya omusha. Ngani, umoya obunawo, ubungeke ngisho uqhubeke ngawe uqobo, ngakho-ke uzoqhubeka kanjani noNkulunkulu na?

111 Ngakho-ke, uNkulunkulu wafanele akunike inhliziyo entsha, hhayi echitshiyelwe. Inhliziyo entsha; lobo ubuhlakani benu enicabanga ngabo, indlela etsha yokucabanga. Khona-ke, uma ekunika indlela entsha yokucabanga, "Yebo, kunjalo. IBhayibheli libukeka linomqondo. Ngangivamise ukungakukholwa Lokho. NgiyaKukholwa manje." Manje, nanso imvuselelo yenu enkulu. Niyabo? Bathi, "Ya, kunjalo, angifuni ukuya esihogweni. Ngifuna ukwemukela uKristu." Konke lokho kunjalo. Lokho kuhle. Lokho isinyathelo sakho sokuqala nje.

Khona-ke Wathi, emva kwalokho, "Khona-ke Ngizoninika umoya omusha."

Yini leyo na? Ukulangazelela okusha. "Ngifuna ukwenza kahle."

112 "Manje, ngiyazi ukuthi ngingumKristu. Bengifanele ngi. . . Ngizobhema kanye futhi, futhi khona-ke ngizowulahla." Niyabo? "Futhi ngizo—ngizo—ngizobona nje. Ngizo—ngizo—ngizohlala nje ekhaya kulobu busuku, niyazi. Ngizo nje. . ." Bonke lababancane "o nje, o nje," kunjalo impela. UEva wama nje umzuzu. Yilokho konke ayefanele akwenze.

Kodwa, manje, lowo umoya omusha.

113 Khona-ke qaphela uhlelo lomBhalo. Emva kokuNikeza inhliziyo entsha, nomoya omusha, Wathi, "Khona-ke Ngiyakufaka uMoya waMi." Manje ini na? Yilokho umBhalo okushoyo lapha. Lolo uhlelo, okomoya nangohlelo lokubala komBhalo, "Inhliziyo etsha; umoya omusha; bese-ke uMoya waMi." Khona-ke, uMoya oNgcwele kaNkulunkulu . . .

114 Inhliziyo kaNkulunkulu entsha leyo Ayifaka kuwe, ihlala khona ngqo maphakathi nendawo kwakho. Leso isi—isibophezelo sakho, lapho u—u . . . imizwa yakho—yakho uyaphuma. Nomoya omusha uhlala khona ngqo maphakathi nendawo yenhliziyo entsha. NoMoya kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele, uhlala khona ngqo maphakathi nendawo yomoya wakho omusha. Futhi, lapho, Ulawula imizwa yakho.

115 Kufana nje ne—nesipilingi esikhulu ewashini elidumile, futhi liziwayinda lona. Awudingekile ukuba uliwayinde nsuku zonke. UNkulunkulu waliwayinda kanye, kukho konke. Futhi kuhleli khona ngqo phakathi nendawo le . . . lempilo yakho, lempilo yakho entsha. Futhi njengesipilingi esikhulu, njengoba sikhululeka, futhi sihambisa, iwashi, silawula konke okuphilayo kwalelowashi, ukuphelelisa isikhathi.

116 Futhi uma uMoya oNgcwele . . . Hhayi iziqu esisha, hhayi ibandla elisha, hhayi umcabango omusha, hhayi amadlingozi amasha, hhayi amafutha amasha, hhayi ukusina okusha, hhayi izindebe ezintsha, hhayi ulwimi olusha, hhayi okusha *lokhu*, hhayi isigqoko esisha! Kodwa uma uNkulunkulu ebeka uMoya waKhe maphakathi nendawo lomoya wakho omusha, khona-ke awudingeki wenze sengathi uthobekile, awudingeki wenze sengathi ungumKristu. Ulawula yonk'into leyo ephakathi kuwe. Ukwenza ubenokuhlonipheka, kwenza ibandla lenze ngokohlelo, wenza iziphiwo sisebenze ngokuphelele. Futhi uma uzofanele uthathwe endaweni lapho ucabanga ukuthi ubuyofanele ubekhona, futhi ubekwe phansi ndawo ndawo, Uyakulawula.

117 Hhayi ukuthwaxuzela, "Angisophinde ngibuye futhi." Qhabo, mnumzane. Lokho kukhombisa ukuthi isipilingi esikhulu asikho phakathi lapho. Uma uphephetha kuyoyonke into encane leyo eyenzakalayo, ubuthi obuhlelayo. Futhi uma umelusi kwenzeka ashaye okuthile lokho okuseZwini, futhi wena, [UMfowethu Branham wenza umsindo wokukhwifa—Umhl.] "Awu, angikukholwa Lokho." Qapha phandle, isikhumba esidala senkomazi! Niyabo? Qapha. Isipilingi esisha esikhulu asikalungiswa phakathi lapho kahle, nokho.

118 Kodwa, Uyalawula. Wenza wena ukholwe. Wenza wena wenze ngalendlela kuze kuba uba nobusawoti. Nomhlaba wonke womele ukufana nawe. Lowo uMoya oNgcwele uhleli

maphakathi nendawo emoyeni wakho. Yisipilingi esikhulu. Khona-ke ilelojoka, lelo oboshelwe kulo . . .

119 "O, ngiyazonda nje ukuya esontweni, kulobu busuku. Angi . . . Futhi, lowomshumayeli, uma wayengawayindiwe kade kakhulu, bengiyothanda ukumuzwa imizuzu embalwa. Kodwa, ngikutshela ukuthi, isikhathi sokugcina ngihambile, ngenkathi ngehlele edilini lamakhadi, uSusie wathi kimi, 'Uqonde ukungitshela, khona impela ukuchwensa, ukuthi uzidelelile wena uqobo, ukugunda izinwele zakho na? Uqonde ukungitshela ukuthi awusezukugqoka lezozikhindi futhi, Lydia na?'" Awu, niyabo, into yakho ukuthi, uma usunomoya omusha nje, uyokubulala nje. Kunjalo.

120 Kodwa uma unoMoya waKhe, kwenza wonke umuzwa uthikhe khona ngqo eZwini likaNkulunkulu. Uzothikha ngqo neZwi. Uyothi, "Awu, manje, Susie, umzuzu nje. IBhayibheli lathi, 'Kuyihlazo phambi kwaKhe, ukwenza lokho.' Nothando lukaKristu lufika enhlizweni yami, futhi ngiyaMthanda kakhulu kakhulu ukuba ngikwenze. Niyabo, ngiyaMthanda."

121 "John, uqonde ukungitshela ukuthi usubandakanywe nalesosigejane sabashisekeli, futhi ungeke usabhema isigazu ngoba kwakunomfana omusha ozelwe endlini yami na?"

122 "Kodwa, uyabo, John, kusho ukuthi sifanele . . . UMoya oNgwele, enhlizweni yami, ungitshela ukuthi sizofanele siqhele kukho konke ukungcola komhlaba." Niyabo? Niyabo?

123 Hhayi, "John! Haleluya, John! Udumo kuNkulunkulu, John! Ayibongwe iNkosi! Uyawabona lawo mafutha esandleni sami! Udumo kuNkulunkulu! John, ngingakhuluma ngezilimi. Haleluya! Ngizo . . . " Qhabo, qhabo. Leyo akusiyo indlela uMoya oNgcwele aziphatha ngayo Yena uqobo. Qhabo, qhabo.

Uzithikha yena ebuqothweni.

124 NjengoPawulu owama phambi kuka-Agripha futhi waletha iZwi, wathi, "O Agripha . . . "

125 NoAgripha wathi, "Pawulu, nakuba ungincenga ukuba ngibe umKristu."

126 Wathi, "Agripha, kuyethusa kuwe, ukuba ungumJuda, ukuthi iBhayibheli selivele lishilo futhi lakhuluma ngoJehova na? Ngabe yinto ethusayo kuwe ukuthi uNkulunkulu ubeyovusa abafileyo na?"

127 Qhabo, "Agripha! Haleluya! Udumo kuNkulunkulu, Agripha! Haleluya!" Qhabo, lokho bekungukuhlanya.

Kodwa, "Agripha, umBhalo uyasho."

128 Niyabona ukuthi isipilingi esikhulu sikuthikhela kuphi na? Khona ngqo emuva. Awufanele ukhathazeke ngalokho. Konke kusohlelweni lukaNkulunkulu. Kukuthikha khona ngqo emuva.

"Ungacabangi ukuthi uzothini," kwasho uJesu. "Akusiwena okhulumile. UBaba wakho ohlezi kuwe. Wenza ukukhuluma."

129 "Agripha, wena uliJuda, futhi wazi wonke umthetho oseTestamenteni eliDala, ngabe kuyinto ethusayo kuwe, Agripha, ukuthi uNkulunkulu uyovusa abafileyo na?"

UAgripha wathi, "Pawulu, ukufunda okuningi kukwenze wasangana."

130 Wathi, "Angisangene, Agripha, kodwa ngilapha kuphela ngikutshela lokho uNkulunkulu akwenzile eZwini." Niyabo?

"O, usube umgingqiki ongcwele, Pawulu."

131 "Qhabo, Agripha, ngisho kuphela lokho uNkulunkulu akushilo lapha emBhalweni, ukuthi Uyovusa iNdodana yaKhe, uKristu Jesu, osukwini lokugcina. Futhi manje, Agripha, bekungaba into ethusayo kuwe, ukuthi uJehova uNkulunkulu, Owavula uLwandle oluBomvu, Owaletha izibonakaliso ngalolosuku, ukuthi Ubengeke akwazi ukwenza izibonakaliso namhlanje na?"

132 Wathi, "Pawulu, ucishe wangincengela ukuba ngibe umKristu."

133 UPawulu wathi, "Ngifisa sengathi wawunjengoba nginjalo, kuphela lamaketango engiwagqokile lapha ezandleni zami nasemlenzeni."

134 Lapho yilapho isipilingi, maphakathi nendawo lomoya omusha enhlizweni entsha, senza wonke umuzwa uzilawule wona uqobo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Nakho lapho okhona. Kukhona-ke, ukuthi, uma ushelelisa ikhanda lakho lisuke ejokeni lezwe.

135 Uthi, "Ngizoya ngale futhi ngijoyine, kodwa ngiyakutshela . . . " Futhi namathelisa ikhanda lakho ejokweni noKristu na? Wena uthi uboshelwe ejokeni kanye naYe na? Bese kuthi-ke uyaqala, "O, kutekulisa amahlombe ami. Kulimaza isithunzi sami kubantu. Abantu engike ngazihlanganisa nabo, bangidlula futhi bathi, 'Ya, nakho lapho ekhona! Ungumgingqiki ongcwele.' 'Nakho lapho ehamba khona. Niyabo, yena, uJohn akasezi egumbini lephuli futhi.' O, nje ku . . . O, kuyangidumaza, Mfowethu Branham." Qhabo. Awutholanga into eyiyona.

136 Ngenkathi leso isipilingi esikhulu simaphakathi nendawo, sikuchofoza khona ngqo, khona-ke ijoko linamekwe umugqa ngamaqubu. O, hhe! Akunandaba ukuthi izwe likubiza ngani, akwenzi . . .

137 "O, ngihlubukile, ngoba, ngiyakutshela, angikwazanga nje ukubamela ukuba bangibize nga*lokhu, lokho,* kanye no*kunye*." Awu, awukaze ube nesipilingi esikhulu sifakwe phakathi nendawo kwe . . . UMoya wakhe maphakathi nendawo emoyeni wakho. Niyabo, ube nokuzenza omunye okungesikho.

Wena, wakhala. Wena waba no—no—no—nomcabango ongcolile. Niyabo? Wena, wena nje—wena nje wemukele icala elinobudlingozi, futhi awukaze uthole icala eliyilo. Ulizwile nje iwashi lithikha futhi wezwa umsindo, futhi wahamba nakho, laqala lathikha, futhi.

138 Kodwa uma isipilingi esikhulu senza ukuthikha, uma Si—Silawula wonke umuzwa, khona-ke ijokwe libalula. Bangathi, "Uyazi ukuthini na? Nango ehamba. Wayevamise ukuba unodoli. Kodwa, mbuke manje, izinwele zakhe zibheke emuva ngqo, ukuzilungisa kwakhe akusekho. Ugqoka lezi ezibukeka zinesizotha . . ." Angiqondile ukuba manje njengokuthile ngaphandle komkhumbi. Kodwa ngiqonde—ngiqonde lokhu, ukuthi uyofanele ugqoke ngokuhlonipheka. "Ngani, wayevamise ukuba yinto encane yekhethelo. Besimbona elele phandle eyadini, egqoke izikhindi zakhe, ethamele ilanga, kodwa akasakwenzi futhi." Okuthile kwenzekile. Isipilingi esikhulu sesifike endaweni lapho Esifanele sibekhona. Kunjalo. "O, ubevamise ukwehla. Wayenguwaka wephuli. Ubengadlala amakhadi, isandla sa*lokhu*. Futhi ubenga hhala amachiphu okudlala esuka lapha, nokunye nokunye. Wayeyi . . . Kodwa akasakwenzi nhlobo." Isipilingi esikhulu! "O, ungumginqiki ongcwele."

139 Kodwa, ijoka lilula. Uyazi ukuthi wenzani ngalo na? Uba ngathi uyalithwala nje. KunjengoSamsoni ngenkathi ethathe ithusi- . . . isango lethusi laseGaza. Isakho elikhulu lethusi, walitshatha nje emahlombe akhe futhi walisiphula. Kunjalo. Futhi uma ijokwe linanyatheliswe uhele ngenjabulo, nokuthula, nobumtoti bukaKristu enhlizweni yakho, khona-ke ucosha nje yonke imithwalo izwe eliyiphosa kuwe, futhi uyithwale uye egqumeni elithile elibizwa ngeKalvari, futhi lapho ukuguqa phansi futhi ukhulekele lowo obekuhlupha. Hhayi unise imvula yomlilo uvela eZulwini futhi uhlukanise ibandla, kodwa uletha ukuthula kubona. "Nkulunkulu, yiba nomusa kubona."

140 Manje, iBhayibheli lasho, ukuthi, "Uma umoya ongcolile usuphumile kumuntu, uhamba ezindaweni ezintsha futhi ubuyele emuva." Futhi uma udeveli oke wakwehlisela emhubheni, futhi uma ebuya futhi athole umhubhe wakhe omdala ukuthi usuguquliwe; he, uNkulunkulu wathumela ibhuldoza yaKhe enkulu ezansi. Uyazi ukuthi Wenzeni na? Umbe umhlaba. Waphendulela izinto phansi naphezulu. Wenze nje ukukubona ngeliny'iso kukho. Futhi lapho udeveli ebuyela khona emhubheni wakhe omdala oyi thini-kani, lapho ayevamise ukuba namakani kabhiya elele lapho phezu kwayo yonke into, namakhadi etafuleni, nezindawo zikagwayi kuyo yonke indlu, nomagazini i*Love Story*, ne*True*. Ubuyabuya futhi ayithole ishaneliwe, yahlotshiswa. Haleluya! UNkulunkulu wehlisela ibhuldoza yaKhe futhi wakuhlanza konke.

141 *Nansi* ibhuldoza yaKhe, mfowethu. Qhathanisa na*Lokhu*. Umshanela wonke, adudule ngebhuldoza konke, futhi Uqala ukutshala isivande. Futhi uthola, lapho, omkhulu, umuzi omusha wesimanjemanje wakhiwe lapho. Amen.

142 UMoya oNgcwele usungenile. Futhi uMoya oNgcwele uthathe indawo yekani likabhiya. [UMfowethu Branham ungqongotha epulpiti kabili—Umhl.] IBhayibheli lathatha indawo yencwadi yosuku lwesimanjemanje. UMoya kaNkulunkulu wathatha indawo yesayense yezenkolo yesimanje. Umhlangano womkhuleko ubuyiselwe ekhaya, uma uMoya oNgcwele ungena. Zonke ezinye izinto ziphumile.

143 Futhi, lalela, mngani. Ekuqaleni, iBhayibheli lathi . . . Bukani. Manje ngifuna ukukwethula kini . . . Konke ubuhlakani kwethu nazozonke izimfundiso zethu ezenziwe ngumuntu . . . Njengoba ngivala, ngifuna ukunethulela okuthile.

144 Ekuqaleni, ngenkathi lomhlaba wawulele lapha, ungenalutho, wawungesilutho kodwa ibhola elikhulu lamanzi, lapho izinguzunga zeqhwa ezehlikayo ngomfula, futhi ekushiseni okuvela elangeni, njengokulokoza komhlaba kwahamba kanjalo futhi kwaya emkhathini, ngaleya, izigidi ngaphanzi kukaziro. Kwenza umswakamo.

145 Ukushisa nokubanda, ndawonye, kuveza umswakamo. Ungawubona emawindini, nokunye nokunye, kuvela endlini, phakathi lapha nangaphandle.

146 Futhi ngenkathi umhlaba ushwila uvela kunoma iyiphi indilinga evela kuyo, okungukuthi, ilanga kuthiwa lingumama wakho konke, nalemicibisholo eyandiza iphuma. Ngenkathi uphumile lapho, waqina kwaba eyodwa into eqinile. Khona-ke, ngenkathi kuqala kungena, noNkulunkulu ethathe umcabango . . . Lalelisisani manje. Njengoba Eqala ukukungenisa, kusondele elangeni, kuqala ukuncibilika kuphela.

147 Khona-ke, uNkulunkulu wayalela uMoya oNgcwele . . . UMuntu wokuqala, uyethulwa, uNkulunkulu. UNkulunkulu! "Ekuqaleni wayenguNkulunkulu," kuGenesise. Bese kuthi-ke okulandelayo, uyethulwa, nguMoya oNgcwele, noma iZwi-mcabango, okungukuthi waphuma kuNkulunkulu. Nokho, kwakungokukaNkulunkulu konke okwaphumayo, kuya kuMuntu. NeBhayibheli lathi, "Kuqala ukufukamela phezu komhlaba." *Ukufukamela* kuchaza "ukwenza uthando," ukuvukutha njengejuba. Kuqala ukufukamela phezu komhlaba. Kwenzekala ini na?

148 Isidalwa esisazofa, umfo oyisakhamuzi, amadoda angabantu nabesifazane, njengoba nginjalo kulokhu kusa; izidalwa ezingabantu ezinomphefumulo, umphefumulo ongenakufa ngaphakathi kuwe, ungubani na? Uqhamuke kuphi, futhi uyangakuphi na? Cabanga nje manje, umzuzu.

149 Obunye ubusuku, ngenkathi eyami . . . Nibonile ephepheni. Omunye wabazala bami, owayengusokhemisi, noma udokotela, eLouisville. Ngenkathi ehlela emsebenzini wakhe, futhi eza ekhaya, futhi wahlala phansi ukuba adle isidlo sakhe sasemini. Futhi wacela umkakhe ukuba amlethele iwolintshi, wagongobaliswa futhi wabulawa ukuhlaselwa isifo senhliziyo; uRaymond Branham. Nomfowabo, uGeorgie, (umzala wami wegazi uqobo, bobabili; izingane zikamfowabo kababa), baya ukuyobona umfowabo. Futhi endleleni yakhe, ebuya, imizuzu emihlanu emva kokuba eshiye umfowabo, baqaphela imoto iyaluza, incipha, futhi babona indoda igxuma ngale esihlalweni sayo. Futhi wabulawa ukuhlaselwa isifo senhliziyo.

150 Futhi ngaya kumasincwabisane ngobunye ubusuku, futhi ngabuka, kuMfowethu Doc lapho, futhi sangena. Futhi ngabuka ngale emakamelweni, ezimpawini nezimbali eyayilengiswe obondeni nokujikeleza. Futhi ngabuka phansi, nezinkumbulo zafika engqondweni yami, njengomfana omcane, ngidlala nalabababafana, ngenkathi nje ngangingumfana oyingane.

151 Futhi ngacabanga, nangu abantu, ikhaya liminyene, futhi okwamabhulokhu ubungeke wakwazi ngisho nokupaka imoto yakho, kusukela kubangani nezihlobo ziza. Futhi ne . . . Futhi ngangena, futhi lapho umzala wami uAgnes wangixhakathisa ngasentanyeni futhi waqala ukudazuluka. Futhi ngenkathi ngisuka kuye, ukumduduza, khona-ke nakhu kuza uDorothy, umntwana, futhi uqala ukungigaxa futhi uyadazuluka, futhi ethi, "Billy, sizokwenzenjani na?"

Futhi njengoba ngathi, "Ukuphi uBabekazi uLizzie na?"

152 Wathi, "Uhlaselwe isifo senhliziyo, kabi kakhulu, futhi angafa noma yinini," umama.

153 Ngakho ngacabanga, "Kwenzakalani kulesisizukulwane esikhulu sikaBranham na?"

154 Ngacabanga into efanayo ngenkathi ngibone ubabayi wami, ngenkathi ngimbambe ngezingalo zami, nonwele lwakhe olugoqene lwaqathakela ngale engalweni yami, futhi mina lapho ngambona njengoba engibukile futhi wamamatheka, ngenkathi ngimkhulekela, futhi wahamba ukuyohlangana noNkulunkulu.

155 Ngacabanga into efanayo izinsuku ezimbalwa ngaphambi kwalokho, ngenkathi uDoc, umfowethu lapho, wacosha umfowabo uqobo, wasikeka ngasemphinjeni, lapho umfo, ephuza, washayisa isigxobo, futhi saphula imoto futhi yambulala. Futhi washonela ezingalweni zikamfowethu. Futhi ukubona ubaba ehla ngesitradi, evela kwekaNkk. Kelly . . . endlini kaMnu. Kelly ngaphesheya, ekhala, nesigqoko sakhe esidala esimnyama sisesandleni sakhe. Ezinsukwini ezimbawa kamuva, ukumbamba ngezingalo zami, ngenkathi efa.

156 Ngama lapho futhi ngabukela isitulo esidala esijikelayo, singenamuntu kuso, siqala ukujikela emuva naphambili, lapho

uRuth usbari wami wayezohlangana noNkulunkulu. Futhi ngathi, "Sthandwa, ngingalengisa isithombe sikaJesu ngalapha na?"

Wathi, "Billy, qhabo. Ungaphambi kwami, njalo."

157 Khona-ke ngenkathi ngangimile ngasecaleni lomkami, uHope, umama womfana wami, uBilly, nentombazane yami encane, uSharon. Futhi ngimbona ebamba izandla zami, ngenkathi amehlo akhe ansundu engibuka, futhi wakhuluma ngeNdawo asanda kubuya kuyo nje, futhi wayifisa ukubuyela emuva, futhi wangitshela, "Ungalinge uhluleke ukushumayela leliVangeli, Billy. Awuqondi ukuthi kuyinjabulo enjani ukuhamba kanje."

158 Futhi amahora ambalwa emva kwalokho, ngibeke izandla zami ekhanda lomncinyane wami, umntwana ofayo ngaleya, futhi ngamubeka ezingalweni zikamama, ngenkathi ngathi, "O Nkulunkulu, ngiyazi ukuthi Wenyusa amanzi esihlahla ezihlahleni, entwasahlobo, futhi siveze ihlumela nesithelo, futhi akufihle emhlabathini ngenkathi ubusika buqhubeka. Uzofanele ube uNkulunkulu. Futhi ngikholwa ngenhliziyo yami yonke ukuthi loMfana oyisimanga owazalwa eGalile, amakhulu angamashumi amabili eminyaka eyadlula, ukuthi, njengoba Wayezulazula, ngokwemiBhalo, kimi, WayenguMesiya othenjisiwe. Akunandaba ukuthi bathini, ngiyakukholwa. Futhi ngiyazi ukuthi kunoKuthile ngaphakathi kimi, okungikhombisa izinto ezizayo, ukuthi uBukhona obungaphezu kwemvelo buyavela futhi ngibona izinto ngaphambi kokuba ifike. Futhi Uyangixwayisa ngokunjalo. Kodwa nakhu lapha engikhona, ngaphandle kwesexwayiso, phezulu kumelene nalento lapha. Lapho kulele umama, efile, lapho. Futhi kunobaba elele phandle ngaleya. Futhi manje Uzothatha umntwana wami omncane ezingalweni zami, Nkulunkulu na? Uzokwenza lokho, uthathe isithandwa sami na?" Neshidi elimnyama liqala ukugoqeka phambi kwami. Ngazi Usekwenzile. Uma isipilingi esikhulu singazange o-belapho khona-ke!

159 USathane wathi kimi, "Manje ucabangani ngakho na? Ngisho nesithandwa sakho umntwana omncane, Uzokuthatha ezingalweni zakho. Kuwunya olunjani!" Lowo kwakungumoya omusha, lokho kwakuyi . . . bonke ubuhlakani.

160 Lapho ngama, namathambo ami eshayisana. Ngacabanga, "Ngiyoyakuphi na?"

161 "Bengiyophuma phandle futhi ngingene ekudakweni. Awukaze uphuze empilwemi yakho, kodwa bengiyokwenza, nakanjani. Wakutshela ukuba ungakwenzi, kodwa bengiyokwenza, nakanjani. BengiyoMkhombisa ukuthi ubani ubasi."

162 Ngathi, "Sathane, ngeke. UnguBasi." Kwakusezansi konke kuya esipilingini esikhulu. Ngijabula kakhulu kunesipilingi esikhulu.

163 Uma ngenyuka ngomgwaqo, noMnu. Isler. . . Umndeni wami uhambile ngangizokwenyuka. . . Angikwazanga ukuya ethuneni. Ngavele nje nganyuka ngomgwaqo. Isikhukhula sasisanda kubohla, hhayi kade.

164 NoMnu. Isler unyuka ngomgwaqo. Wagxumela ngaphandle kwemoto, futhi wathi, "Billy, ngifuna ukukubuza okuthile. Ngikubonile umemeza kakhulu lapho kulelotende. Ngikuzwile ushumayela. Nokuthi ubunomdlandla kanjani eMlayezweni lowo obuwuletha, futhi ubuwuletha kubantu. Manje Kuchaza ukuthini kuwe manje na? UsaMthanda na? Usengasho usengaqhubeka usho ukuthi uyoMkhonza na?"

165 Ngathi, "Mnu. Isler, uma Engithumela esihogweni, bengiyoqhubeka ngiMthande. Ngokuba, bekunoKuthile okwabekwa *lapha*, niyabo, lokho akuseyimina, kodwa nguYe."

166 Nganeliseka kulokhu, ukuthi, belele emathuneni ahlukene, alapha, ngapheseya eWalnut Ridge, kwaphambukela umndeni wami, ubaba wami, umfowethu, umkami, umntanami, futhi babebuyela emuva othulini lomhlabathi lapho bevela khona. Kodwa ngiqonda lokhu, ukuthi bafanele ukuthi bebelapha ngenkathi izwe lenziwa, ngoba bathathelwa emhlabathini. Babelapha ngenkathi umhlaba wenziwa.

167 Imizimba yethu yayilapha ngaphambi kokuba umhlaba waze wenziwa, ngokuba singabomhlaba. Konke esenziwe ngakho ikhalisiyamu, iphothashi, iphetriloyami, ukukhanya kokusesesibhakabhakeni, ama-atomu, kusibamba ndawonye. Futhi ngandlela thize, ngomunye uNgqondongqondo, senziwa kanjalo lokho esiyikho. Hhayi nje ukuqongelela ndawonye iphothashi, nekhalisiyamu, nephetroliyamu, kodwa Okuthile kwangena kwingaphakathi futhi kwaqala ukudala, futhi ngenziwa kanjalo.

168 Ekuqaleni, uMoya oNgcwele waqala ukufukamela phezu kogwadule olubandayo; ningixolele ngemizwa yami; kodwa ngenkathi kwakungenalutho, futhi kungakaze kube nalutho. Kodwa uMoya oNgcwele wathunyelwa uvela kuNkulunkulu; hhayi onobuhlakani. Kodwa uMoya oNgcwele wathunyelwa uvela eBukhoneni bukaNkulunkulu, ukwenza uthando phezu komhlaba.

169 Futhi, njengoba kwakunjalo, Walula amaphiko aKhe amakhulu ukwengama umhlaba, futhi waqala ukwenza uthando, noma ukufukamela, ukuvukutha phezu komhlaba. Ngiyayibona ikhalisiyamu nephothashi ihlangana ndawonye, nomnduze omncane wePhasika wama. UMoya oNgcwele wawufukamela wakuveza emhlabeni. Futhi Waqhubeka wafukamela. Futhi njengoba Evukuthile futhi efukamela,

ngiqala ukubona izihlahla zivela, izinyoni ziqala ukundiza zivela emhlabathini, izilwane siqala ukuhamba.

170 Futhi Waqhubeka evukutha, nomuntu wavela, obizwa ngoAdamu. NoAdamu ebukeka engonesizungu, ngakho Wamenzela ovela ohlangothini, futhi wathatha ubambo ohlangothini lakhe futhi wamenzela isithandwa, uEva. Futhi Wamthanda uAdamu futhi Wamthanda uEva. Futhi Wabathatha . . .

171 Futhi sengiyambona uEva omncane, njengoba encikise ikhanda lakhe elincane lancika ehlombeni likaAdamu. Futhi wayeyikho konke lokho umuntu owesifazane abengakulindela, nokungaphezulu. Futhi njengoba encike kwelikhulu, ihlombe eliqinile lesithandwa sakhe, uAdamu, futhi bahamba badabula ensimini, mhlawumbe, kumbe, i—ibhubesi libhongile. Wayengeke asaba, isizathu kwakungekho ukwesaba. Ngakho-ke wathi, "Sthandwa, lelo ibhubesi. Ngizolibiza. ULeo, ibhubesi, woza ngaphambili. Ingulule, ingwe, woza lapha futhi ulale phansi." Futhi babalandela, njengemithinyane.

172 Imimoya yaqala ukuphephetha, nezinwele ezincane zikaEva zaqala ukuphephetheka. Futhi wathi, "Oo, lowomoya."

173 "Ukuthula, yima." Nemimoya yamthobela. Wayeyindodana kaNkulunkulu. Wayeyisithandwa sakhe.

174 Futhi ngiyamuzwa ethi, "Thandiweyo, uyalibona ilanga lishona na? Yisikhathi sokuthi sikhulume kuBaba."

175 Ngakho, banyukela endlini enkulu yesonto, iS'hlahla esikhulu. Futhi njengoba beguqa phansi, ngokushesha, okweZulu, ukuKhanya okucwazimulayo kwehlela phasi, iZwi-mcabango. UMoya oNgcwele lowo owabafukamela baphuma emhlabathini, wehlela phansi; uBaba, uNkulunkulu. Futhi Wathi, "Bantwana, nizijabulisile nina uqobo namhlanje na?"

"Yebo, Baba."

176 "Ngehlile ukunanga 'nilale kahle,' nokunilalisa ekuphumuleni, kulobu busuku." Wabanga ezilevini, futhi wabalalisa phansi. Akukho okwakungabalimaza. Wayesemahlathini nabo ngqo. Ibhubesi, Walalisa ibhubesi phansi. Walalisa iNgulule, ingwe, phansi. Wabalalisa bonke phansi, ukuba baphumule. NoBaba wayejabule kakhulu.

177 Khona-ke isono, ngolwazi, onobuhlakani . . . Ngithemba ukuthi niyakuthola. Ngonobuhlakani, isono sangena ezweni, ngokuzama ukuthola ukukhanya okuningi, ukuthola okuthile okwakungekho eZwini likaNkulunkulu. UNkulunkulu wathi, "Usuku odla ngalo, ngalolosuku uyakufa." Kodwa uEva wafuna okuthile okusha.

178 O, uyabona, kuvela enhlizweni yami, ukuthi angizami ukuphambana nothile na? Ngizama kuphela ukuveza, obala, uISHO KANJE INKOSI, iZwi, akulutho kepha ilokho; hhayi

okumangalisayo, namabandla amakhulu, nabanokuhlakani, kodwa ukulalela Lowo owasifukamela sivela emhlabathini.

Isono sangena.

179 Futhi manje, bangani, uma uMoya oNgcwele wawuyithuluzi kuphela lelo uNkulunkulu alisebenzisa ukusifukamela sivela emhlabathini. Futhi sivela emhlabathini. Futhi sasilapha ngaphambi kokuba kubekhona umhlaba. Khumbula, nakhu ukugqugqumezela kwenu bantu lowo ozokhulekelwa. Uma uMoya oNgcwele, ngokufukamela, wenza umuntu obonakalayo, ubani ongumakhi wemizimba yethu na?

O Nkulunkulu, kwangathi abantu bangakubona!

180 UMoya oNgcwele wakunika ithunjana lakho, amehlo akho, ikhala lakho, umlomo wakho, inhliziyo yakho. Futhi wafaka umoya omusha kuwe, bese-ke ufike aphile kuwe. Ungakwenzi, nangayiphi indlela, wamukele izinto zobuhlakani, amasayense ezenkolo lawo aphambene neBhayibheli, kodwa hlala kuphela noISHO KANJE INKOSI. "Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu. Ngemivimbo yaKhe thina saphiliswa."

181 UMoya oNgcwele wafukamela umzimba waKhe uQobo, ukuphila kuwo, uJesu Kristu; ngenkathi Esibekele uMariya futhi wadala, noma wafukamela, ingqamuzana leGazi esibelethweni, lokho kwaveza iNdodana, uKristu Jesu; lapho uNkulunkulu qobo laKhe wazenza itabernakele, emhlabeni, iminyaka engamashumi amathathu nantathu nohhavu. Futhi wenziwa inhlawulo yezono zethu, ukusihlenga, nokuletha ukubuyisana phakathi komuntu olahlekile noNkulunkulu ongcwele, ukubanga futhi ukubabuyisa ndawonye. Ukuthi, ekupholeni kwakusihlwa, lapho ilanga selishona ngale kwesiphongo sethu, lapho uhambo lwempilo yami luhamba nebanga lami seliphelile, ngifuna Yena ukuba angange ukuba ngilale, njengoba Enza uStefani ngenkathi wadidwa isandla ngesandla. Wathi, "Ngibona amazulu evulekile, noJesu emi ngakwesokunene sikaNkulunkulu." Nakho lapho okhona.

182 Manje, lokho kungafika kanjani na? Futhi uma uNkulunkulu wasenza saba ilokhu esiyikho, ngaphandle kwethu sibe nanoma iluphi ulwazi ukuthi kwakuqhubekani. Uma uNkulunkulu wangenza, indoda, futhi wangibeka phezulu onyakeni wami ngqo ngaphambi kokungena kokufa . . . Cishe eminyakeni engamashumi amabili nantathu ubudala, ngangiqinile futhi nginempilo. Futhi uma uSathane engangenelelanga . . . Wazama ukungikhubaza futhi angidubule, nezinto eziningi. Kodwa uNkulunkulu ubone kanjalo . . .

183 Futhi nina, ngenkathi nisebasha, nangenkathi nisebahle, nina—nina besifazane esenikhulile. Nani besilisa enanisebasha, futhi ninamandla, futhi niphilile. Nokuthi nakujabulela kanjani ukuba owesilisa, nesenu esincane isithandwa. Uma uNkulunkulu akwenza lokho ngale kwakho unanoma ikuphi

ukusho kanjalo kukho; awukaze uthi, "Ngenze kanjena." "Ubani ocabangayo onganezela umkhono owodwa ebudeni bakhe na?"

184 Kepha uma Akwenza kanjalo, ngale kwakho ube nokuthile ukukusho, Angakwenza ngokwedlulele kangakanani pho, ngokufukamela kwaKhe, akunike u—ukukhetha. Futhi usezisekelweni zokuzimela bokuziphatha okukhululekile. Ungashiya Lokhu phansi, noma ungaKwemukela. UkuKushiya phansi, ngukulahleka, futhi uhlale uyiphothashi, nekhalisiyamu, nephethroliyamu. Kodwa, ukuKwamukela, nokuba nenhliziyo entsha, umoya omusha, noMoya waKhe; ingxenye yeZwi-mcabango, kuwe, ilawula imizwa yakho! Futhi ngenkathi Evukutha ngeZwi laKhe, uphindisela ngokuvukutha, ekuphenduleni kuYena.

"UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade."

"Amen, Nkosi."

"NgiyiNkosi ephilisa zonke izifo zakho."

"Amen, Nkosi."

185 Uyokuvusa kakhulu kangakanani, nakuba umzimba wakho upheshulwe ukusuka empumalanga uya entshonalanga, ngomoya! Kakhulu kangakanani ukuthi loMoya oNgcwele, emva kwembubhiso ephelele, ngalelibhomu le-athomu lelo elizoqathaka kulomhlaba ngolunye lwalezizinsuku, liqhumisa imigodi, futhi limkhiphela ngaphandle emkhathini. Kodwa ikhalisiyamu nephothashi kuyosala lapha. Bese kuthi-ke uMoya oNgcwele ufukamela futhi. Lonke ithambo lizoya ethanjeni, sonke isitho siyoya esithweni, futhi kuyoba neBandla likaNkulunkulu ophilayo elimayo ezinsukwini zokugcina.

186 Bangani, kuphela ngokufukamela, noma ukuvukutha kukaMoya oNgcwele oyoke ukwenze ngawo, uNkulunkulu njalo uyothembisa ukukuvusa, njengoba ulalele iPhimbo laKhe, lokho kumile, iPhimbo elincane elikhulumayo ezinjulweni zomphefumulo wakho.

187 Futhi, bangani, ekuvaleni, umzuzu owodwa nje kade. Futhi ngifuna ukuba nicabange ngokujulile nangokuthobela. Sizoshiya, ngolunye usuku. Futhi ngani, o, ngicela ningitshele, kungani beningazama ukwamukela nanoma ikuphi ukumbuluza, noma iyiphi isayense yezenkolo yebandla, noma ibaphi abanobuhlakani, noma imaphi amadlingozi, noma yini ephambene, lapho izibhakabhaka zepentecostal zigcwele iSibusiso sangokoqobo, uMoya kaNkulunkulu wangempela okulawulayo futhi ukwenza umKristu wangempela. Awudingakali ukuba uzenze into; yiba nje umntwana kaNkulunkulu ophilayo. Ngani, ngitshele, ubuyozamelani ukwamukela noma yini ehlukile, ngenkathi uNkulunkulu elangazelela futhi elindile, futhi ukulethile kwaze kwaba la; bese kuthi-ke ezama ukwenza uthando kuwe, ngoMoya oNgcwele; ubuyokwamukela nje ukushiwo

kwezivumokholo, nokunye nokunye, ukuzama ukuzingenela eZulwini, noma okungelutho okuthile, imizwa yokomqondo, okungukuthi akuqondwa ngisho eBhayibhelini na?

188 UngeWemukele na? O, bantu bakaNkulunkulu, emadolweni enu nakuNkulunkulu wenu! Kwangathi uNkulunkulu angaba nomusa, ngumkhuleko wami, ngenkathi sisakhuleka.

189 Futhi namakhanda ethu ekhotheme, nje kulomzuzu onesizotha, uma mhlawumbe, kulomzuzu impela, lapho angahlala khona kuwe, ngaphezu kwalelibandla, ngaphezu kwabaningi lapha . . . Cabanga ujule. Ungakuvumeli kube umcabango ongajulile. Ingabe wenza uthando kuMoya oNgcwele na? Futhi ngabe lowo—lowomoya lowo osempilweni yakho, uthikhela ngaphandle imizwa yakho, ncamashi neBhayibheli na? Ngabe uyabekezela, ububele, ukulunga na? Impahla ayi—ayihlolwa . . .

Lalelani, njengoba nikhuleka.

190 Impahla ayihlolwa ngobuningi bayo, inkulu kangakanani; ukuthi likhulu kangakanani ibandla, ngichaza lapha, niyabo. Alihlolwa ngobuningi lalo, kodwa ngezingabunjalo lalo. Insimbi ihlolwa ngamandla ayo. Nebandla alihlolwa ngokuthi likhulu kangakanani, noma mangaki amalunga. Lihlolwa ngamandla alo, ngeBhayibheli. Lingasho kanjani "amen" kusosonke isithembiso uNkulunkulu asinikezile na? Inyakaza kanjani impilo yakho na? Nokulunga, nobumnene, nobubele, ukubekezela na? Kuyini uma okuthile kukucunula na? Kunesondo elincane lapho, lithikha khona le, likugcina ungaphansi kolawulo. Uthando lwaKhe kunyakaza khona ngqo ezansi enhlizweni yakho. Ngabe uzama kuphela ukukwembatha na?

191 O, cabanga manje. Futhi ngenkathi ucabanga ngokwempela noMoya oNgcwele usebenzana nawe, ufukamela phezu kwakho, uthi, "Mntwana ongowaMi, Ngikhuluma kuwe."

192 Manje, eGameni likaKristu, namakhanda ekhotheme phambi kukaNkulunkulu, hhayi mina, uzophakamisa isandla sakho na? Uthi, "Nkulunkulu, faka uMoya waKho kimi. Lesi isandla sami." UNkulunkulu akubusise. Ziningi, izandla eziningi.

193 Futhi, Baba, Nkulunkulu, eGameni leNkosi Jesu, iNdodana yaKho, ehlale ifukamela, ifunisisa, ivukutha, Moya oNgcwele, ngicela ukuthi Wena, namhlanje, uzothatha indawo yaKho enhlizweni yawowonke umuntu ophakamise isandla sabo. Babonakalisile kuWe ukuthi badinga Wena. O, badinga Wena kanjani! Futhi uma bekuqonda manje, kuthiwani ngehora lapho inhliziyo inqaba ukushaya na? Kuthiwani ngehora ukuthi bezwa umhwamuko obandayo wokufa untanta ungena na? Kakhulu kangakanani ukuthi bazokuqonda khona-ke! Nokuthi siyini na? Sisuka kuphi, futhi siya kuphi na?

194 Futhi, Baba, sikhathele ukuzenzisa ngempilo yobuKristu. Dala kithina, Nkosi, namhlanje, inhliziyo entsha, umoya omusha. Futhi faka uMoya waKho, ngokweZwi lomprofethi waKho, maphakathi nendawo lomoya wethu omusha. Futhi silawule ngothando, injabulo, ukuthula, ukubekezela, ububele, ubumnene, ukubekezela, nokukholwa. Nazozonke izithelo zikaMoya kwangathi zingatholakala kithina, njengoba sinikezela ngokuzithoba thina uqobo, imiphefumulo yethu, iphakathi naphakathi. Impilo eletha yonke lephothashi yomhlaba, nekhalisiyamu, nephethroliyamu, ndawonye, futhi ikubamba kanjalo; uma kushiya, sibuyela othulini. Futhi sinikela umoya wethu; sibayekela kuWe. Futhi dala kithina uhlobo olukahle lomoya. Futhi vumela uMoya oNgcwele, uMoya waKho, usilawule, futhi usihole futhi usiqondise, njengoba sihamba siqhubeka.

195 Busisa lababantu abathandekayo. Philisa ukugula phakathi kwethu, Nkosi, futhi. Futhi kwangathi singathi, njengoba sishiye lesisakhiwo kulokhu kusa, "Bekusilungele ukuba sibe lapho. UMoya oNgcwele wenze umsebenzi kithina, lokho kuzoguqula imizwa yethu, lokho kuzosenza umuntu ohlukile kunalokho ebesiyikho ngenkathi singena."

196 Vuselela ithemba elikubangcwele. Baqinise, Nkosi, bamelane nosuku lolo oluzayo. O, uhlamvu seluvuthwe ngokwenele. UJesu uyakufikela ukuvuna masinya. Futhi ngikhuleka lesisibusiso eGameni likaJesu. Amen.

197 [Umfowethu Branham uyama nomshayi wophiyano udlala *NgiDinga Wena*—Umhl.] Ngicabanga ukuthi bekuyoba kuhle ukuba silokhu sihlezi nje, okomzuzwana nje, ngenkathi edlala.

Ngidinga Wena, o, ngidinga Wena kanjani!

198 Ngiyamangala ukuthi uGeorgie wayecabangani ngobunye ubusuku, ngenkathi evele nje washiya umfowabo oshonileyo; njengoba wayehla ngestradi futhi wezwa inhliziyo yakhe inyakaza iphuma, kuba mnyama phambi kwakhe; njengoba wayejikijeleka esihlalweni esingaphambi kwakhe, eshiya unkosikazi wakhe nabathandekayo na?

Zikhathi zonke ngidinga Wena;
O ngibusise manje, Msindisi wami!
Ngiza kuWe.

Asilicule, ndawonye.

Ngidinga Wena zikhathi zonke,
O . . . (Kumuntu wonke!)
. . . lapho Wena useduze.

Ngidinga Wena, o, ngidinga Wena;
Zikhathi zonke ngi . . .

Asiphakamise izandla zethu kuYe.

O ngibusise manje Msindisi wami!
Ngiza kuWe.

199 O Jehova omkhulu, nyakaza manje. Beka uphawu ngamunye ngoMoya waKho. Beka ezinhlizweni zethu ukuthi Okuthile lokho obekusilele kade kangaka. Siphe lokho kunqoba, Nkosi, lokho kunqoba okunqobayo ukuthi sidinga ngomusa. Uzokwenza, Baba na? Silinda kuWe. Futhi manje sikhuleka eGameni likaJesu. Amen.

200 Ngiyamangala manje, ingabe bakhona lapha ukuba bakhulekelwe na? Inenekazi langishayela ucingo livela eNew Albany, nothile. Lalikhona inenekazi elangishayela ucingo elivela eNew Al- . . . Lokho kunjalo. Kulungile, lilapha nje ukuba likhulekelwe, uma nje uzo . . . ngenkathi sisa . . .

Qhubeka neculo obulidlala, dadewethu.

201 Futhi, khona-ke, khona ngqo ngale ecaleni lapha, okomugqa womkhuleko. Uma nizothobeka okwemizuzwana embalwa. Shayani umugqa, niye ecaleni elisesandleni sokudla lapha, ukuze sikwazi ukukhulekele abaswele.

. . . ecaleni leJordani,
Ezinkundleni ezinhle ze-Edene
Lapho iSihlahla sokuPhila siqhakaza,
Kunokuphumula kwa . . . ? . . .

UJesu ugqabula zonke izibopho,
Uma Ekukhu . . .

202 Thola isihlalo, mhlawumbe, wenzele umfowethu, uma efuna ukuhlala phansi. Ubungamane uhlale phansi, mfowethu na?

Ngiyohlala njalo, njalo ngiMkhonza,
Ngiyohlala njalo, njalo ngiMkhonza,
Ngiyohlala njalo, njalo ngiMkhonza,
Ngokuba Wangikhulula!

203 Manje, kwenzakaleni na? Laba abame emgqeni manje, ukuba bakhulekelwe, bazile ngesizotha ngaphezu kokukholwa kwabo uqobo, bekholwa. Bazile ukusho ukuthi iWayini lifikile ezimvabeni ezintsha, ukuthi bayafisa ukuthi "amen" ku ISHO KANJE INKOSI.

204 IBhayibheli lishilo, okungu ISHO KANJE INKOSI, "Uma kubakhona noma yimuphi phakathi kwenu, ogulayo, bizani amalunga, awabagcobe ngamafutha, futhi bakhuleke phezu kwabo. Umkhuleko wokukholwa uyakusindisa ogulayo." Kuphinde futhi, kulotshiwe emBhalweni, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela labo abakholwayo: bayobeka izandla kwabagulayo; bayakusinda." Futhi sifundisiwe ukwenza lokhu, futhi siphoqelelwa uMoya oNgcwele, ukuthi lolu uhlelo lukaNkulunkulu lokwenza inkonzo kulabo abasweleyo.

205 Akusho ukuthi umuntu ngamunye, lowo okhulekayo, kumele abe ongcwele noma ingelosi. Kusho ukuthi umuntu, lowo

ozayo, ufanele abe nokukholwa, kubona uqobo; ukuthi uMoya oNgcwele nokuvukutha kwaKhe, ngeZwi laKhe, uqathaze okuncane okuthile phakathi lapho, lokho kubenza bakholwe ukuthi Uzofukamela phezu kwabo baze babekahle.

206 NjengoAbrahama wasendulo, ngenkathi uNkulukulu ebonakala kuye egameni lika El-Shadayi, isifuba, ibele lowesifazane, kanjalo. Futhi wathi, "Abrahama, usuneminyaka eyikhulu ubudala, kodwa Nginguye 'Onamabele.' Nje ncika kiMi, njengomntwana, futhi uncele, futhi ngizoqinisekisa iZwi laMi."

207 NoAbrahama, eneminyaka eyikhulu ubudala, wancika esifubeni sikaNkulunkulu; yena noSara bemunye, kusobala, waqala ukutadisha nokufukamela, nokwemukela iZwi likaNkulunkulu. Futhi kwenzakalani na? UNkulunkulu wambuyisela emuva ebunsizweni, yena nomkakhe, futhi bazala umntwana, uIsaka; okuthi ngoIsaka kuvela uKristu, Owabusisa izwe. Wenziwa ubaba wezizwe.

208 Ngoba, "UAbrahama wabiza lezozinto," lalelani, "ezazingekho." Udaba lokuphilisa ngaManda obunkulunkulu, kuAbrahama, kwakungekho . . . Ngenkathi esemukele isithembiso, kuthathe imimyaka engamashumi amabili nanhlanu ukuba khona kwenzeke; iminyaka engamashumi amabili nahlanu. Ngenkathi uAbrahama wayeneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu, wanikwa isithembiso; ekhulwini elilodwa, umntwana wazalwa. Kodwa, konke kuleminyaka engamashumi amabili nanhlanu, yena eqhubeka ephindisela ngokwenza uthando kuMoya oNgcwele lowo owamfukela evela emhlabathini, futhi ebiza iZwi likaMoya oNgcwele, "Kunjalo!" Ebiza izinto eziyizo, kungathi azikho, ngoba zaziphambene neZwi likaMoya oNgcwele. Wenziwa insizwa, futhi wazala umntwana.

209 Manje, sivela kanjalo. SiyiNzalo kaAbrahama. Futhi sibize izinto, okukhombisayo, izinkathazo zethu, izifo zethu, kungathi zazingekho, ngoba sihlonipha lokho uMoya oNgcwele, ngomprofethi, umboni, kushiwo ukuba uyiQiniso. Futhi wonke amadoda kwedlula eminyakeni, akwemukela, futhi abeqinisile, ngasosonke isikhathi.

210 Manje sibiza lezizinto "eziyizo," futhi sizemukela njengefa elingelethu, futhi sibuyela sicingisisa kuMoya oNgcwele, "IZwi laKho liqinisile. Ngiyonqaba noma ikuphi okukhombisayo, noma yini enye. Ngikholwa ukuthi Uzongenza ngiphile. Ngoba, iZwi laKho, Nkosi, lithi, 'Umkhuleko wokukholwa uyakusindisa ogulayo, futhi uNkulunkulu uyakubavusa.' Yilokho kuphela. Lelo iQiniso."

211 Ngiyamangala, kulokhu kusa . . . Ngiyamazi uMfowethu Jackson; ngimzwile ethi "amen," ndawo ndawo emuva lapho. Futhi ngiyamangala uma kunomunye abefundisi lapha, kulokhu

kusa, okholelwa eMandleni okuphilisa obunkulunkulu, lowo obengathanda ukuza, ame kanye nathi, ukwenzela laba bantu. Bangabafowenu nodadewenu kuKristu. Beningathanda ukuza lapha futhi nikhuleke kanye nathi, ngenkathi umelusi wethu eza ngaphambili, lapha, uma kunjalo kube ilokho uzokhulekela abagulayo kulokhu kusa. Omunye wabobonke benu, wozani, thathani izindawo zenu khona lapha ngqo nathi, ngenkathi thina senza inkonzo kwaba—kwabadingayo esakhiweni kulokhu kusa. Noma imuphi wenu befundisi lowo ofisa ukuza. Futhi ngiyakholwa ngibone uTeddy lapho, esikhashaneni esedlule, ngingaphosisi. Nanoma imuphi omunye abefundisi, noma ngabe ungubani, akunandaba; sijabule kuphela ukuba nani phezulu lapha, uma uyikholwa, ukuba ujoyine ukholo kwakho kanye nathi, njengoba sikhulekela abaswele.

212 Manje, ngifuna amalunga ukuba eze, Mfowethu Higginbotham nalabo abami lapha, abebengaletha umugqa ngapha, njengoba sibakhulekela, futhi sizokwenza inkonzo khona ngapha.

213 Manje, bazalwane abenza inkonzo, wozani ngqo nga*pha*, uma nithanda. Sizokhulekela lababantu ababili abahleli ezihlalweni, kuqala, khona-ke sizokwenza inkonzo kwabanye.

214 Nawowonke umuntu lapha lowo onamazwi okukhuluma neNkosi Jesu, (futhi nina nonke benifanele, kulokhu kusa), ngifuna nina nijoyine kanye nathi. Kunjani uma lokhu . . . Futhi kungaba umfowenu, udadewenu, ubaba wakho, noma umama, futhi ufuna bona baphile. Futhi ukholo lwakho, ukubhekisela kokholo lwakho, uphuma njengesiphehligesi esikhulu, phakathi lapha, leso esehlisela phansi uDumo lukaNkulunkulu iShekinah, lolo lugcoba umuntu ngamunye ukuba abe nokukholwa. “Ukukholwa kuza ngokuzwa, ukuzwa iZwi.”

215 Manje uMoya oNgcwele ulapha ukujovela, noma iZwi likaNkulunkulu enhlizweni yakho, lelo olemukelile. Nalokho, khona-ke, uma uLikholwa, uyeza.

216 Manje isiphi isibopho sami, nalaba befundisi na? Ukubeka izandla kini. “Umkhuleko wokukholwa uyakusindisa ogulayo,” kwasho uNkulunkulu.

217 Khona-ke uzothatha lokho nje, futhi ubuyisele ngokwenza uthando kuMoya oNgcwele. “O Moya oNgcwele, iZwi laKho liqinisile. Angiguli, sanhlobo. Ngiya ngokuba ngcono nje, sonke isikhathi. NgiyaKubonga, Baba waseZulwini, ngenxa yobumnene baKho kimina. Njalo ngiya ngokuba ngcono, ihora ngalinye, ihora ngalinye.” Bhekisisani ukuthi kwenzakalani, njengoba—njengoba nenza uthando, njengoba niphindisela ngokufukamela kuMoya oNgcwele lowo okufukamelayo, ngeZwi.

Manje ngizokhuleka, khona-ke sizoza, sibeke izandla.

218 Manje, Baba Nkulunkulu, Wena ubone isidingo, futhi kakhulu ngempela Ungaphezu kokwenza ukuhlinzeka sonke isidingo; Wena, Owawungakhipha uDanyela emphandwini wezingonyama; nabantwana bamaHeberu ngaphandle ebuhanguhangiwini besithando somlilo; lokho bekungavula uLwandle oluBomvu, nabantu bahambe emhlabathini owomileyo; lokho bekungavusa uLazaru kwabafileyo; futhi kuyise uElija eKhaya, ngenqola. O Nkulunkulu, Wena awukaze wehlukele.

219 Futhi nalezizimvaba ezintsha ezineWayini elisha, lezi nethemba elisha neMpilo entsha, woza ngaphambili kulokhu kusa ukuba nigcotshwe, ukuba nezandla zibekwe phezu kwabo, esikhumbuzweni seZwi.

220 Futhi, Baba, sime njengamadoda, ukubeka izandla zethu, njengoba Wena usiyalelile. "Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Lowomyalelo usemqoka nje, eVangelini, njengoba kunjalo ukushumayela iVangeli, "Lowo okholwayo futhi wabhaphathizwa uyakusindiswa."

221 Futhi siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosipha iZwi laKho ukuba ligcwaliseke kulolusuku. Njengoba si, ngaphezu kokuvuma kwalababantu, abaletha ngaphambili ukukholwa kwabo, ukukuhlola ngokumelana namandla kadeveli. Badedele, bakhululwe, ngamunye, eGameni likaKristu.

222 Amakhanda enu ekhotheme, njengoba sihamba siyaphambili manje ukwenza inkonzo kulaba.

223 Dadewethu othandekayo, ekuhlanganyeleni kweNkosi uJesu. Njengabefundisi besiphambano, manje si, njengabahlanganyeli baMandla obunkulunkulu besibusiso saKhe ovukweni. Esikhumbuzweni seZwi laKhe, sicela omubi ukuba akuyeke, eGameni likaJesu. Futhi kwangathi ungaphiliswa. Kwangathi ukholo lwakho lungantengezeli neze. Kodwa, kwangathi wena oncelayo kuNkulunkulu, ukufunisisa kukaMoya oNgcwele. AMandla akho, lawo akuvusa othulini lomhlaba, futhi afaka yonke ingxenye emzimbeni wakho; Ungaphezu kokwenza ukulungisa lokhu okungukuthi Wakwenza, lapho uSathane aklebhule konke khona. Sikuletha kuNkulunkulu, njengekholwa, eGameni leNdodana yaKhe, uJesu.

224 Nomfowethu, ngaphezu kwakhe sibeka izandla zethu, nomkhuleko ofanayo, phambi kukaNkulunkulu uBaba wethu, nangokugcoba kukaMoya oNgcwele, nokuyalela ukuthi lezizinto zimelwe zenziwe. Thina, njengabefundisi abakholwayo, sikuletha kuNkulunkulu, uMoya oNgcwele, ukuthi lowo owakwephula emhlabeni, futhi wafaka emzimbeni wakho sonke isitho. Futhi ebona ukuthi uSathane wehlile futhi waphazamisa, waphula umzimba wakho, ngakho-ke . . .?. . . Lokho phezu kwe . . .?. . . kwalababantu abehlela ealtare. Noma,

ngaphezu kwanoma yini . . .?. . . Sicela ukuthi uNkulunkulu uzokunika . . .?. . . Ngaphezu kwalesisibopho esinesizotha. Sibeka izandla zethu phezu kwakho, esikhumbuzweni seZwi, singayazi inhliziyo yakho, kodwa sicela ukuthi uNkulunkulu uSomandla, owakufukamela uvela emhlabeni, uzolungisa, noma anike amandla kobuthakathaka, izindawo ezisemqoka zomzimba wakho, futhi uzokubuyisela emuva e . . . impilo yakho ephelele, eGameni likaJesu.

225 Dadewethu othandekayo . . .?. . . sibeka izandla zethu phezu kwakho futhi sicele ukuthi . . .?. . . futhi angeke aba . . .?. . . Moya oNgcwele . . .?. . . ngeliny'ilanga . . .?. . . kuphela okodumo lukaNkulunkulu. Manje, dadewethu, njengoba sima namakhanda akhotheme futhi sicela ukuthi uNkulunkulu uSomandla, uthumela ngaphambili iZwi-mcabango lasekuqaleni . . .?. . . naleyomibala ehlukene . . .?. . . Sonke si . . . sonke sikhulekele lokho kanye . . .?. . . Futhi manje sinikela uMoya oNgcwele ukuba usivumele silethe ngaphambili uNkulunkulu . . .?. . . kuYe ibandla elingenabala ne . . .?. . . kwalezozinsuku, wabuyisela emuva uMlobokazi . . . O, Moya oNgcwele, kwangathi . . .?. . . futhi ngikhulekela lona wesifazane empilweni yakhe nasemandleni njengoba simtusa kuNkulunkulu, eGameni likaJesu. Amen.

226 Somandla noNkulunkulu onamandla onke, Lowo ongenasiphelo, osezindaweni zonke, onamandla onke, Wena ogcwalisa wonke umkhathi! Sibeka izandla phezu kukadadewethu, simethula kuWe, ngomkhuleko ofanayo lowo esiwukhulekile phezu kwabanye, ukuthi Uzowenza emzimbeni wakhe, lokho okungukuthi kuyantuleka futhi uphanjwe udeveli. Futhi . . .?. . . okodumo lukaNkulunkulu.

227 Baba, Nkulunkulu, ngokunjalo sibeka izandla ngaphezu kukadadewethu, ngomkhuleko ofanayo, ukuthi . . .?. . . Lesisibusiso sisicela eGameni likaJesu. Amen.

228 Baba, Nkulunkulu, ngaphezu komzimba walendoda, e, ngokuhamba kweminyaka, isiqhothe amahlombe, yaba nemibimbi ebusweni, futhi ilimaze umzimba wayo. Kepha Wena, O Nkulunkulu, Abangukufukamela kukaMoya oNgcwele, simnikela kuWe, eGameni likaJesu. Ukuthi, kwangathi uMoya oNgcwele angaphenduka ngothando olukhulu. Futhi kwangathi Ungabangela kithina, futhi siqonde ukuthi Lowo owayithatha emhlabathini, futhi angalungisa lokho Akudalile!

